# UKUXOLELWA

Asibe silokhu simile nje umzuzwana okomkhuleko. Asikhothamise amakhanda ethu manje.

2 Baba wethu waseZulwini, sithatha lokhu njengenhlanhla enkulu ukuma lapha phakathi kwabasindisiwe, futhi singacula lelihubo elidala elihle kakhulu leBandla, "Nkosi, ngiyakholwa." Ukubona uKholo lobaba bethu lusaphila ezinhliziyweni zabantwana baKhe, kwehlele ezansi eminyakeni. Futhi njengoba nje iculo lisitshelile nje ukuthi, "Sisendleleni yethu eya eZweni laseKhenani." Siyakhuleka, Baba, kulobubusuku, uma bekhona lapha ongakasenzi lesosinqumo namanje, ongakezi endaweni ukuthi—ukuthi bangakholwa nje kuphela yiZwi, ngiyakhuleka ukuthi lokhu kuzoba ubusuku abazokwenza lokho kusho kokugcina futhi bemukele uKristu njengoMsindisi, bagcwaliswe ngoMoya waKhe.

3 SiyaKubonga ngaleliqembu elibizwa ngeFull Gospel Business Men, nalokho elikumele, ukulunga. Siyajabula ukwazi ukuthi ezweni lethu amadoda, ezweni lebhizinisi, athatha isikhathi ukuKukhonza, ukutshela abanye, besebenzisa imali yabo—yabo nesikhathi sabo ukusiza abanye endleleni, beba yizakhamizi zoMbuso kaNkulunkulu.

4 SiyaKubonga ngabafowethu ongumfundisi lapha kulobubusuku, lapho ababambe ukukhanya kwethoshi, ukukhombisa lelizwe elimnyama ukuthi kunomgwaqo oholela eNkazimulweni, walolonke ilunga leBandla likaNkulunkulu ophilayo, nelalabo abangenile, Nkosi, abaqala ukuza. Siyakhuleka manje ukuthi njengoba sizama ukuvula iZwi, OzeLehlukanisa kubantu njengoba silidinga. Futhi lapho inkonzo isivaliwe, kulobubusuku, futhi siya ekhaya, kwangathi kungabakhona izingane ezizelwe ezenezelwe eMbusweni. Noma, mhlawumbe kunothize lapha kulobubusuku, Nkosi, ogula kakhulu futhi udinga ukuthinta kweNyanga eNkulu, kwangathi bangakwemukela kulobubusuku. Siphe khona, Nkosi. Futhi ngokuzithoba sizoKunikeza udumo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

Ningahlala phansi.

5 Ngesinye sezikhathi ezinkulu kunazo zonke empilweni yami, kungenkathi ngithola ukuma phambi kwabantu, ukukhuluma ngenjabulo yempilo yami, uJesu Kristu, ukuthi Uchaza ukuthini kimi, futhi-ke ukuba nenhlanhla yokwabelana lenjabulo nomunye umuntu ongakaze abe nalenjabulo. Ngangikhuluma ngeliny'ilanga. Ngangivamise ukuba ngumshumayeli ongumfana. Lokhu yiminyaka engamashumi amathathu nantathu enkonzweni. Futhi ngiphile odumweni

lokuba ngumshumayeli ongumfana. Kodwa manje sengedlulile kuleso sikhathi, futhi manje sengiba ngumshumayeli omdala.

6 Kodwa, usuku ngalunye, Yena, njengoba iculo lathi, "Uyangokuba ebamnandi kunoma Wayenjalo kuthangi." Njengoba ngiqala uku, nqamula umaka ophakathi nendawo futhi ngibheke ngasekushoneni kwelanga, uKristu uba kakhulu kimi, usuku nosuku. Futhi uma nginale nhlanhla, ukuma phambi kosomabhizinisi besilisa nabesifazane bemiphakathi, futhi ukukhuluma kubo ngokuthize okusho okuningi kubo kuno—kunoma yini ezweni, okungukuthi, ukuPhila okuPhakade. Angicabangi ukuthi kukhona noma yini enkulu, kunalokho engingacabanga ngayo, kunokuPhila okuPhakade.

7 Uma usemusha, ukuqala ukucabanga ngoku, awu, njengomfana udlala amathophi, nentombazanyana isika onodoli abangamaphepha. Emva kwesikhashana, yimfundo yakho. Khona-ke, uzoshada intombazane enamehlo ansundu noma al'hlaza sibhakabhaka na? Bese-ke kuba indlu ezofanele ikhokhelwe, abantwana ufanele abe ngofundile. Futhi ukuphi na?

8 Kodwa ngiyajabula kakhulu ukuthi kukhona into eyiyo ngempela, emva kokuba konke lokhu sekwedlule. Khona-ke ungena kokuthize okusho okuningi kunalezi ezinye izinto. Okungukuthi, zi—zisemqoka. Impela zisemqoka, kulowo ozoba ngumama wabethu. . .nobaba wabantwana bethu, namakhaya ethu nokunye nokunye, nemfundo yabantwana. Kodwa, ngisho lokho, konke kuyashabalala. Kuyahamba. Kodwa ukuPhila okuPhakade yinto enkulu ukwedlula zonke engiyaziyo. Kwangenelisa lapho ngisengumfana omncane. Kuyangenelisa manje ngiseyindoda ephakathi nendawo ubudala. Futhi ngiqinisekile lapho amakhethini ewa ngasempilweni yami, ngiyojabula ukuhamba ngihlangane naLowo engichithe impilo yami ngaye.

9 Manje, kuMfowethu Tony, u—umongameli womkhandlu wezikhulu zesonto lapha, futhi ngiyajabula ukuba lapha naye enhlanganyelweni kulobubusuku, noMfowethu Carl Williams nezinye izigungu zomkhandlu wezikhulu zesonto noma abamelele, nangani nonke zivakashi eninathi. Siyajabula ukuba lapha.

10 Ngesinye isikhathi ngangikhuluma, ngikholwa ukuthi kwakuse Little Rock, eArkansas, eHholo iRobinson Memorial. Futhi kwakukade kunendoda eyaphiliswayo, yayikade ihamba ngezinduku zokuqhugela iminyaka eminingana, ihlezi emgwaqeni, idayisa amapensela. Futhi yayinga, o, ukusonteka nje. Izitho zayo zazikhubazekile. Futhi izungeza. . .Abantu bayidabukela kakhulu. Ngobunye ubusuku iza emhlanganweni. Futhi yathola ikhadi lokukhulekelwa, futhi yangena emgqeni futhi yaphulukiswa.

11 Futhi ngosuku olulandelayo yayinezinduku zayo zokuqhugela emhlane wayo, yehla yenyuka ngomgwaqo, ifakaza. Futhi ngangizama ukukhuluma. Futhi—futhi emva kwesikhashana yasukuma, futhi yathi, "Mfowethu Branham," yathi, "ngithi ukuba wuhlobo lokuphelelwa yinqondo." Wathi, "Lapho ngikuzwe ukhuluma," wathi, "ngangicabanga ukuthi uyiNazarene." Yilokho ayeyikho. Futhi wathi, "Kwasekuthi-ke ngibone amaPentecostal amaningi ngapho," wathi, "omunye wathi wawuyiPentecostal. Kwase kuthi-ke ngikuzwe uthi wawuyiBaptisti, noma wagcotshwa ebandleni leBaptisti." Wathi, "Ngithola konke kuxovene. Uyini na?"

12 Ngathi, "O, lokho kulula. NgiyiPentecostal Nazarene Baptisti." Ngakho, yikho konke ndawonye.

13 Ngenkathi ngifika phakathi kwabantu bePentecostal, eminyakeni embalwa edlule, okungukuthi iNkosi yangithumela ngapheseya, ngenkathi Igcoba ukuthi ngifanele ngikhulekele abantwana baYo abagulayo. Futhi elabo ihlelo enganginalo ngalesosikhathi lalingakholelwa kakhulu ekhulekeleni abagulayo, noma ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Kwakungaziwa kubo. Bangitshela ukuthi sengibe ngumgingqiki ongcwele. Futhi awu, mhlawumbe sengingumgingqiki ongcwele. Angazi. Kodwa ngijabule ngokumangalisayo, noma yini engiyiyo. Futhi omunye wathi ngilahlekelwe yinqondo yami. Ngathi, "Khona-ke ngiyekele phansi nje, ngoba ngijabule kakhulu ngalendlela kunokuba benginjalo ngeny'indlela." Ngakho ngi—ngizizwa nje ngikahle ngalendlela. Futhi ngi . . . Kube yinjabulo engakhulumekiyo.

14 Kodwa ngenkathi ngifika phakathi kwabantu abangamaPentecostal, nga—ngangicabanga ukuthi babeyiqembu elilodwa kuphela lawo. Futhi khona-ke, ngithola ukuthi, kunenqwaba nje yamaqembu esikiwe, kuwo, njengoba kwakunjalo ebandleni leBaptisti engangivela kulo. Khona-ke angisoze ngachema nanoma yimaphi amaqembu. Ngizamile ukuma phakathi kwawo onke futhi ngithi, "Singabafowethu." Niyabo? Futhi lokho bekuyisimo sami sokuziphatha selokhu kwathi nhlo: ukubona ibandla elikhulu likaNkulunkulu ophilayo lihlangane ndawonye ekukholweni nomkhuleko nomzamo.

15 Bese kuthi-ke ngenkathi iFull Gospel Business Men behlela okwabo okuphilayo, ngoba abasiyo inhlangano. Bangokuphilayo. Futhi lokho kwangenisa onke amaqembu. Futhi kwanginika indawo, futhi bangifaka ngaphansi kophiko lwabo. Futhi ngithokoza kakhulu ngethuba lokukhuluma kwiChristian Business Men, ngoba lapho ngingezwakalisa inkolelo yami phakathi kwawo onke amaqembu ngesikhathi esifanayo. Futhi kube yinto enkulu kimi. Futhi ngingowenhlangano eyodwa, leyo yiFull Gospel Business Men.

16 Futhi ukwenza lokho, kukhona manje eAfrika, lapho esihlela, ukuya khona masinyane, ezansi eNingizimu Afrika, lapho iNkosi yasinika enye yemihlangano emikhulu kunayo yonke engicabanga ukuthi Yake yasinika yona, kwakusezansi eNingizimu Afrika, lapho esabona khona izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe bemukela uKristu njengoMsindisi enkonzweni eyodwa yantambama. Babhalisa izinkulungwane ezingamshumi amathathu.

17 Ngokusa okulandelayo, lapho uSidney Smith, imeya yaseThekwini, yangishayela ucingo, okwakusemhlanganweni. Sasinokunye okuthi akube amakhulu amabili ezinkulungwane estadiyamu, noma u—noma umzila womjaho. Futhi wathi, "Awuye ewindini lakho futhi ubuke ngewindi." Futhi nakho kweza imithwalo yamaveni ayisikhombisa. Futhi wona amathrakhi amakhulu amaNgisi aye ngokusondele kakhulu, cishe ngokunqamula kulendlu, igcwele izinduku zokuqhugela nezihlalo ezinamasondo, ne—nezinto abantu ababekade belele kuzo, kuthangi. Futhi babehamba emva kwamathrakhi, becula, nezandla zabo emoyeni, iculo enilicule emizuzwaneni embalwa eyedlule, "Kholwa kuphela, konke kungenzeka."

18 Futhi mina, inhliziyo yami, ngathi, "Nkosi, lolu kuzoba usuku lwenkumbulo kimi." Futhi izinsuku ezimbalwa. . . usuku. . .ngangizoba lapho izinsuku ezintathu kuphela. Futhi yilapho engibuyela khona futhi manje. Futhi lapho, izinsuku ezintathu, futhi a—angazi nje ukuthi konke kwenzeka kanjani. Lokho kuza cishe nje ngesimangaliso esisodwa iNkosi eyasenza emsamo; inika umfana, owayehamba ngezandla zakhe nezinyawo, njengenja, yambuyisela emqondweni wakhe futhi yamelula, phambi kwabantu. Futhi kuthangi, labobantu babekade bedingeke babiyelwe ngaphandle ngoba babenempi yobuzwe. Futhi manje babenokuthula, behamba begaxene, becula, "Kholwa kuphela, konke kuyenzeka."

19 Ngiyanitshela, iVangeli elidala elihle, nakuba ebululeni balo, alikaze lilahlekelwe amandla alo uma lishunyayelwe ebululeni bovuko lukaKristu. Futhi ngi. . .Liya ngokuthandeka kakhulu kimi, usuku ngalunye.

20 Futhi uma ungusomabhizinisi lapha kulobubusuku, futhi awukezi kunoma yiyiphi inhlanganyelo yeBusiness Men, ake ngincome leFull Gospel Business Men. Awudingeki ukuba ube ngowanoma yiliphi ibandla, noma—noma yiliphi ibandla okulo, kulungile ngokoqobo. Linegama "IFull Gospel Business Men." Kodwa akufanele kube ngumuntu weVangeli eligcwele ukulenza. IMethodisti, iBaptisti, iLuthela, iPresbyterian, ngisho nabapristi beKatolika, noma ngabe ubani olapho.

21 Niyazi, ngikholwa ukuthi uJakobe wagubha umthombo namaFilisti amxosha kuwo. Ngikholwa ukuthi wawubiza nge, "nzondo," noma okuthize. Wagubha omunye, bamxhosha

kulowo. Wawubiza ngo, "mbango." Futhi bagubha owesithathu; wathi, "Kunendawo yethu sonke." Ngakho ngicabanga ukuthi lokho kuyikho; kunendawo yethu sonke lapha. Futhi singajabula ukuba nani kulendawo yaseTucson lapha, ukungena futhi nikhonze kanye nathi.

22 Bese-ke ningakhohlwa umhlangano wasePhoenix. Futhi manje, ngiyazi asifanele ukunikeza isikhangiso emsamo lapha, ngoba lokho sikwenze umgomo. Kodwa njengoba lokhu kuxhumene neFull Gospel Business Men, ngizodingeka ngibe nomkhuleko wabagulayo, nokushumayela, izinsuku ezine ngaphambi komhlangano waseRamada, kuloDisemba ozayo. . . [Omunye uthi, "UJanuwari."—Umhl.] UJanuwari i. . . ["Ziyi 19 kuya zi 23."] Ziyi 19 kuya ku 23. Usuku lwesine. Ngizoqala ziyi 19, kulungile na? ["Ya."] Ngiqala ziyi 19. Khona-ke nginezinsuku ezine, zomhlangano.

23 Futhi kinina bantu base Tucson, ngeSonto elizayo ebusuku, ngikhulekela abagulayo, ngale eAssemblies of God, eGrantway, ebandleni likaMfowethu Arnold Mack. Uma kukhona ogulayo futhi ethanda ukuza angene, ngizobe ngikhuluma lapho, iNkosi ithanda, ngeSonto elizayo ebusuku, ngikhulekela abagulayo.

24 Futhi manje kwangathi izibusiso zikaNkulunkulu zingaphumula phezu kwenu. Futhi uma uneBhayibheli lakho, ngizothanda ukuya masinya eZwini, ngoba ngiyazi abaningi benu niyasebenza kusasa. Futhi ngizokhuluma kini kulobubusuku emBhalweni engifuna ukuwufunda encwadini yabaseRoma, abaseRoma isahluko 8. Futhi sifuna ukuqala ngevesi lama 28, futhi sifunde sehlele evesini lama 32, nalo. AbaseRoma 8:28.

> *Siyazi ukuthi kwabamthandayo uNkulunkulu konke kusebenzelana kube ngokuhle, kulabo aba. . . babiziweyo ngecebo lakhe.*
>
> *Ngokuba labo ayebazi ngaphambili, wabamisa ngaphambili bafane nesimo seNdodana yakhe, ukuze yona ibe-yizibulo phakathi kwabazalwane abaningi.*
>
> *Labo abamisile ngaphambili, ubabizile futhi: labo ababizile, ubalungisisile futhi: labo kubo abalungisisileyo, ubaphile nenkazimulo futhi.*
>
> *Sesiyakuthini ngalokho na? Uma uNkulunkulu emi ngakithi, ngubani ongamelana nathi na?*
>
> *Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba-kanjani ukuba angasiphi konke kanye nayo na?*

25 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Futhi manje ngifuna ukukhuluma ngendaba yo: *Ukuxolelwa*. IBhayibheli lishilo lapha, kulobubusuku, ukuthi, "Wasinika zonke izinto." Awu, impela besingekhulume ngazo

"zonke izinto." Kodwa sizothatha into eyodwa Asinike yona, futhi lokho: *Ukuxolelwa*. Futhi ngicabanga ukuthi lelo yigama elimangalisayo, uku "xolelwa." Ngoba, sonke sinecala lesono. Sonke sonile futhi sisilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu, ngeNdodana yaKhe, usixolele kulelicala lobubi nesono.

26 Futhi ukuxolelwa kungikhumbuza indaba engake ngayifunda, yeMpi yeMbhedukazwe, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo. Ukuthi, kwakukhona indoda, isosha, isosha elihamba ngezinyawo elalenze into eyayi . . . Izinkantolo zayithola inecala futhi yagwetshewa ukuba idutshulwe. Ngikholwa ukuthi kwakuyikho, ngokunganaki isikhundla somsebenzi wayo ngesikhathi sempi. Futhi ya—yayizobulawa yisikwadi esidubulayo.

27 Nomunye umfo wayizwela lendoda kwaze kwathi ekugcineni wahamba waya ku—kuMongameli omkhulu uLincoln. ULincoln, indoda engumKristu enesithunzi . . . Bathi wayegibele ikalishi lakhe ngenkathi isithunywa sasihlangane naye. Futhi saguqa ngamadolo aso futhi sathi, "Mnu. Lincoln, mongameli waseUnited States, mnumzane onomusa," sathi, "ngicelela oyedwa umusa, ngokwazi ukuthi ungumKristu, nokwazi ukuthi unobubele enhliziyweni yakho ngabakhathazekile." Sathi, "Umngani wami wayesesikhundleni somsebenzi lapho ayebekwe khona, kodwa ngenkathi izibhamu zaziduma nombayimbayi bedubula, wesaba futhi washiya isikhundla somsebenzi. Mnu. Lincoln, wayengaqondile ukukwenza. Uyindoda elungile. Futhi manje, evikini ukusuka kulolusuku, ufanele afe ngesikwadi esidubulayo. Ayikho indlela yokumsindisa ngaphandle uma uzosayina ukuxolelwa kwakhe."

28 UMnu. Lincoln, nezinyembezi emehlweni akhe, wadonsa isiqeshana sephepha kwebhukwana lakhe lezomthetho futhi wabhala lapho, "Mina, Abraham Lincoln, ngiyayixolela lendoda *ethize*, futhi ayizukufa," wayesesayina igama lakhe kuso.

29 Futhi indoda yamnika izibusiso zikaNkulunkulu. Yayisibuyela emuva ejele, futhi yathi kumngani wayo, "Nginokuxolelwa kwakho." Futhi yayisilidonsa, phezu kwesiqeshana sephepha, yase imkhombisa.

30 Futhi indoda yathi, "Ungangibhinqi. Lapha ngilungiselela ukufa, bese-ke uza nokunjalo na? Angikukholwa. Angeke nje ngikholwe. Akunjalo. Noma yimuphi umuntu angasayina igama lakhe, 'Abraham Lincoln.'"

31 Wathi, "Kodwa lokhu kungukusayina kukamongameli." Wathi, "Uxolelwe."

32 Futhi yafulathela futhi yahamba. Futhi indoda yafa ngaphansi kwesikwadi esidubulayo.

33 Futhi khona-ke nakhu u—u—ukukhululwa okuvela kuAbraham Lincoln, umongameli waseUnited States,

ukukhulula lendoda, futhi nokho bayidubulile. Ngakho, lathethwa eNkantolo kaZwelonke, futhi kwakuyilesi isinqumo, "Ukuxolelwa akusikho ukuxolelwa ngaphandle uma kwemukelwa njengokuxolelwa."

34 Ngakho lokhu kulobubusuku engikungifundile, ukuthi uNkulunkulu usinikeza zonke izinto, futhi Usinikeza ukuxolelwa, kungukuxolelwa kulabo abafuna ukwamukela iZwi likaNkulunkulu njengokuxolelwa. Kodwa kuphela ku, njengoba sikufunda nje, akusho ukuthi uxolelwe. Kusho ukuthi uzofanele ukwemukele njengokuxolelwa kwakho, ukuthi uNkulunkulu wanikela ngeNdodana yaKhe ukuba ife endaweni yakho, khona-ke ngukuxolelwa.

35 Wakhululwa ecaleni, yilokho esifisa ukukubeka kulokhu. Ukuxolelwa okuvela kuNkulunkulu ukukhululwa ecaleni. Hhayi ukuphenduka ngesifundiso senjulamqondo yohlobo oluthize olungahle ngandlela thize lukunikeze ukuzwa okuncanyana ukuthi wenze okulungile, ngokujoyina ibandla, noma ukuthatha isivumokholo esithize. Kodwa uku—ukukhululwa ecaleni lakho, ngamandla aseKalvari. Into ethize ikukhululile. Akusekho cala. IBhayibheli lithi, ngiyakholwa, kwabaseRoma 5:1, "Ngakho manje akusekho ukulahlwa kwabakuKristu uJesu, abangahambi ngenkanuko, kepha ngoMoya."

36 Manje, indoda, uma ikhululiwe esonweni, owesilisa noma owesifazane, asisekho isifiso enhliziyweni yabo ukulandela izinto zezwe. Uxolelwe ngesihle futhi uba yisidalwa esisha kuKristu uJesu. Futhi izifiso zakhe zibekwe ezintweni zaphezulu, lapho uKristu ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Ukhululwe ngesihle. Akadingi ukuba abe nomprisiti othize ukuba amtshele noma umfundisi othize ukuba amtshele. Uyazi kuye uqobo ukuthi ukuxolelwe, ngoba ukwemukele phezu kwezinkundla lezo uNkulunkulu akuthumela kuye, ngoJesu Kristu. Ukuzwa okunje pho okuyikho ukukhululwa esonweni!

37 Ngatshelwa, ngenkathi isiMemezelo sasayinwa seNkululeko yezigqila eNingizimu, eminyakeni eminingi eyedlule, ukuthi isikhathi esibekiwe ukuthi zasezikhululekile kwakusekuphumeni kwelanga ngokusa okuthize. Futhi zonke zaphuma ehlathini lokutshalwa elidala. Futhi abaningi bezinsizwa bagibela ngale phezu kwentaba, ngoba babengakwazi ukubona ilanga likhuphuka kuqala, khona-ke amadoda amadala, ngaphansi kancanyana kwalokho, khona-ke abesifazane nezingane phansi. Futhi babelinde isikhathi eside ngaphambi kokusa. Ngoba, amabhande ezigqila, ukuvivinya okul'khuni kwakumake izimpilo zabo ngosizi, futhi babelulangazelele lolosuku ukuthi uma basebazi ukuthi base bexolelwe. NesiMemezelo seNkululeko sathi "Ngalolusuku oluthize, ngokuphuma kwelanga, bakhululekile."

Futhi babelangazelele ukubona lelohora uma ilanga liphuma, beshisekele kakhulu baze bagibela ezintabeni.

38 O, ukuba izoni kulobubusuku bezingashisekela kuphela ukwazi ukuthi nixolelwe. Waxolelwa ngomzuzu owemukele ngawo uJesu Kristu njengoMsindisi wakho. Khona-ke uxolelwe.

39 Bathi izinsizwa zalinda. Futhi kwathi nje ilanga lingaqala ukukhanya empumalanga, bamemeza kakhulu phansi komdala, "Sikhululekile!" Futhi omdala ezansi, kowesifazane nezingane, "Sikhululekile! Sikhululekile!" Ngoba ilanga lase liphakeme.

40 O, uma umuntu esedayiselwe esonweni, futhi ngenkathi iNdodana kaNkulunkulu yayiphumile ethuneni ngalokho kusa, okokulungisiswa kwethu, ngicabanga ukuthi kwakufanele kube ukudazuluka okunqamula izizwe, "Sikhululekile esonweni nehlazo, sixolelwe ngesihle ngezibopho zaseKalvari." Ayikho into enkulu kakhulu enganikezelwa esintwini.

41 Ngenkathi umuntu wayonile ensimini yase-Edeni, weqa umhosha omkhulu, ezehlukanisa yena uqobo kuLowo oPhakade. Umuntu ngalesosikhathi wayePhakade ngoNkulunkulu. Wayengenakugula, usizi, noma ukufa. Umuntu wayengenzelwe ukuba afe. Isihogo asakhelwanga umuntu. Isihogo sadalelwa udeveli nezingelosi zakhe, futhi hhayi isintu. Ngoba, badalwa emhlabeni ukuba amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Kodwa ngenkathi umuntu onile futhi weqa umugqa ongumncele phakathi kokulungile nokungalungile, wazehlukanisa yena ukuqobo kuNkulunkulu, engazishiyeli indlela yokubuyela emuva. Walahleka ngokuphelele. Wayengasakwazi ukubuyela emuva, ngoba wayonile.

42 Kodwa, uNkulunkulu, ecebe ngesihawu, wemukela isibambiso. Ngoba Wayethe, "Usuku eniyakudla ngalo, ngalolosuku niyakufa." Futhi ubulungiswa bukaNkulunkulu nobungcwele baKhe budinga ukufa, ngoba yiZwi laKhe. Futhi Ufanele aligcine iZwi laKhe, ukuze abe nguNkulunkulu.

43 Futhi manje, uthando Ayenalo ngesintu, kepha nokho wayedingeka ababone behlukanisiwe kuYe, nenhlanganyelo Ayenayo nabantwana baKhe ensimini yaseEdeni, kulesosimo sokwephuka inhliziyo ukuthi Ayefanele abe kuso ngasosonke isikhathi, ngoba iZwi laKhe lathi, "Usuku oyakudla ngalo, ngalolosuku uyakufa."

44 Khona-ke, singethembela kulokhu, noma yini uNkulunkulu ayishoyo iyiqiniso. Kufanele kwenzeke. UNkulunkulu akasoze alihoxise iZwi laKhe, niyabo, ngoba Ungongenasiphelo, futhi UngoPhakade. Futhi isinqumo saKhe sokuqala siyisinqumo sanjalo. Akadingekile ukuba a—asihoxise ngoba Wafunda kakhulu ngaso. Ungongenasiphelo, kwasekuqaleni nje. Futhi ngakho-ke, uma uNkulunkulu esho noma yini, kuphelele ngaleyondlela. Akusoze kwaguqulwa, ngoba isinqumo esiphelele.

45 Futhi khona-ke indlela uNkulunkulu enza ngayo phezu kwe—kwezindaba emukela isinqumo saKhe, kuyokwenza njalo phezu kwayo yonke indaba emukela isinqumo saKhe ngaleyondlela. Ngakho-ke, uma Enza indlela ukuba umuntu asindiswe, indlela yokuqala Ayenzayo ibiyilokhu iyindlela efanayo. Futhi uma uNkulunkulu ethembise ukuphulukisa kwabagulayo, phezu kokholo ukuba kukholwe, kuhlala kungaleyondlela. Akasoze akuhoxise. Niyabo? Ufanele ahlale njalo engaleyondlela.

46 Manje, uNkulunkulu wemukela isibambiso ngomuntu ensimini yase-Edeni, futhi leyo kwakuyindlela yomhlatshelo wegazi. Igazi lalifanele likhokhe inhlawulo. Futhi bekulokhu kufana njalonjalo. Ayikaze ibekhona enye indlela, noma yini enye, eyake yathatha indawo yakho. Kwakuyigazi. Indlela kuphela uNkulunkulu amukela ngayo abantwana baKhe emuva, yingalesisibambiso esiyigazi. Alikho elinye inani elingakhokhwa. Akukho okunye okuyokwenza. Isinqumo sikaNkulunkulu sokuqala sihlala njalo siphelele, futhi siPhakade. Futhi siyazi ukuthi lokho yiqiniso, ngoba uNkulunkulu angeqambe amanga, futhi Akasoze alihoxise iZwi laKhe. Kusukela kulesosikhathi, bekuyindlela kuphela kaNkulunkulu nendawo kuphela yenhlanganyelo nomuntu. Manje, indaba yayingukuthi . . .

47 Manje, igama *ukufa* lichaza "ukwehlukana." Uma sifa ngalendlela, akuchazi ukuthi . . . Ukufa kwethu kokomzimba akuchazi ukuthi sifile. UJesu wathi, "Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa." Manje, lokho *ukufa*, ukukhuluma ngokuthi kukhona, u "kwehlukana" eBukhoneni bukaNkulunkulu. Kodwa ukufa ngokomzimba esizodingeka sihambe kukho lapha, nokho akusikho ukufa. Sisalokhu siseBukhoneni bukaNkulunkulu. Siyahamba sisuka kulendawo siya endaweni esondele naYe, eBukhoneni baKhe. Akusikho ukufa lokho esikubiza ngo "kufa," esikubiza lapha.

48 Khumbulani, Washo e—entombazaneni eyayifile, indodakazi kaJayiru, "Akafile, kepha ulele."

49 Futhi baMhleka usulu, Yena, azi ukuthi yayifile. Lelo yigama labo, "Yayifile."

50 Kodwa uJesu wathi, "Ilele." Futhi Wahamba wayivusa, futhi yabuyela ekuphileni.

51 Manje, kusukela kuAdamu kuze kube manje, umuntu ubezama ukwenza isibambiso sakhe uqobo. Uzame okwakhe okwedlula konke ukwenza okuthize okungconywana kunalokho uNkulunkulu akwenza ngaleyonkathi. Futhi nje lokho kungokwemvelo kumuntu. Umuntu njalo uzama uku—ukwenza ngcono okuthize, ukukwenza ngendlela ehlukile. Ufuna ukujovela imibono okungeyakhe uqobo ecebweni likaNkulunkulu. Futhi yingakho kulobubusuku

simile sehlukanisiwe, abantu abangamaKristu bezwe, ngezivimbelo, ngezivimbelo zamahlelo. Thina . . . Kwenza lokhu ngoba lowomuntu ujovele umbono wakhe uqobo ecebweni likaNkulunkulu. Kusukela kuAdamu kuze kube manje, njengoba ngishilo, bekungaleyondlela.

52 UAdamu wezwakalisa ukucabanga komuntu, ensimini yase-Edeni, lapho ezenzela iphinifa lecembe lomkhiwane ukubhekana noNkulunkulu. Kuyinto ethize ayenza, qobo lwakhe. Futhi kusukela emacembeni omkhiwane, wazama imfundo, imibhoshongo, amadolobha, izithixo, impucuko, ihlelo. Kodwa kulokhu kuhlala kufana. UNkulunkulu wemukela izindaba zaKhe kuphela ngaphansi kweGazi. Yilokho kuphela.

53 Imfundo yehlulekile ngokuphelele. Sithola ukufunda kakhulu, sithola ukuqhelelana komunye nomunye. Ihlelo lehluleke ngokuphelele. Sidweba imigqa nezivimbelo, nomunye ezama ukuthola lelohlelo liphakeme kunelinye, futhi kwephula inhlanganyelo. Impucuko kuphela ilethe cishe ukudideka. Amadolobha, imibhoshongo, nanoma yini okunye, konke kwehlulekile. Futhi icebo likaNkulunkulu lisalokhu lifana: ngaphansi kweGazi.

LeliGazi lifanele libe yigazi eliveziwe. Ensimini . . .

54 Esikhathini esisemuva, njalo, sikaIsrayeli, ngenkathi uIsrayeli wayedingeka abulale iwundlu nokubeka igazi phezu kwekhothamo nensika yomnyango, uNkulunkulu wayedinga lokho. Nalolo phawu lufanele lube lapho, kungakhathaleki ngesinye isikhundla. Lawo madoda angahle ukuba ayekhombise ukuthi ayengamaIsrayeli asokiwe. Angahle ukuba ayekuvumile lokho, "Sikholwa yilolonke izwi uJehova alishoyo." Kodwa lokho akuzange kulixoshe. Babedingeka baveze lolophawu. Igazi lifanele livezwe.

55 Kungaleyondlela kulobubusuku. Ngikholwa ukuthi wonke umKristu ufanele aveze iGazi likaJesu Kristu elibahlanzile ezintweni zezwe, kungakhathaleki.

56 Manje, ngalesosikhathi, uphawu lufanele lube semnyango. Lufanele lube lapho, kungakhathaleki ukuthi nkoloni indlu eyayiyiyo, ukuthi abantu babekholwa kanjani, ukuthi babebakhulise kanjani abantwana babo, ukuthi babelethamele kanje kanjani ibandla, ukuthi babeziveze kahle kanjani zonke izinto uNkulunkulu ayezishilo. Kwakusalokhu, ngalelohora lokugcina, lapho kwakhombisa khona phakathi kokufa nokuphila, igazi lalidingeka livezwe. Futhi igazi lalikhombisa ukuthi isibambiso esingenacala sasithathiwe endaweni yomkhonzi. Futhi isayense ephathelene nezithako zemvelo yegazi, igazi elibomvu qobo lwalo, laliwuphawu emnyango ukuthi lendlu yayiphephile, ngaphansi kwegazi. Manje, lowo kwakungumfanekiso.

57 Manje, kulezizinsuku zokugcina, siyabuya futhi ehoreni likaNkulunkulu ekhulula iBandla laKhe. Ngi—ngiyakukholwa. Futhi impela nje njengoba lelogazi lalizodingeka limele isikhumbuzo, kanjalo uphawu lufanele lube njalo. Liyadingeka namhlanje. Ngokuba, manje, babengenakuthatha isayensi ephathelene nezithako zemvelo yeGazi leNkosi uJesu futhi balibeke phezu kwawo wonke umnyango wenhliziyo.

58 Kodwa, niyabo, ngalesosikhathi, isilwane safa, okwakuyiwundlu. Nokukhombisa ukuthi isilwane sasifile, igazi lalisemnyango. Ngakho ukuphila okwakusesilwaneni kwakungeke kuze phezu komkhonzi, ngoba isilwane asinamphefumulo. Ngakho ukuphila okwakusesilwaneni kwakungeke kuze phezu komkhonzi.

59 Kodwa, namhlanje, uma iGazi leNdodana kaNkulunkulu uqobo lachitheka eKalvari okokuxolelwa kwethu nokukhululwa, ukuphila okwakuseGazini kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe. NoMoya oNgcwele ubuyela emuva phezu kweBandla laKhe, phezu kwekholwa laKhe, futhi liwuphawu kulezizinsuku zokugcina, ukuthi Uzokwedlula kwindoda noma owesifazane owemukele ukufa kukaJesu Kristu njengesibambiso sabo. NoMoya oNgcwele uyafakaza.

60 Ungahle uthi, "NgaKwamukela." Futhi usaphila ezweni, usaphila njengezwe, khona-ke akukho bufakazi obubonakalayo ukuthi lokho kuPhila kwakungokwakho, kuze kuba lobobufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele bushaye empilweni yakho.

61 Naso isidingakalo sikaNkulunkulu, ukuthi wonke owesilisa noma owesifazane ufanele abe naso, lobobufakazi obubonakalayo njengophawu kulolusuku lokugcina. "Uma ngibona iGazi."

62 UJesu wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, uma umuntu engazalwa ngokusha, ngamanzi noMoya, akasoze angena eMbusweni."

Ngakho-ke bekuwuhlelo lukaNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi, iGazi. KwakuyiGazi eTestamenteni eliDala. KwakuyiGazi eTestamenteni eLisha.

63 ETestamenteni eliDala kwakuyisayense ephathelene nezithako zokwemvelo, okwakungumfanekiso wokuphila okuzayo. Kwakhombisa ukuthi kwakunesibambiso esathathwayo, kodwa umkhonzi waphuma enonembeza onecala ofanayo ayenawo ngenkathi engena futhi wanikela ngewundlu lakhe.

64 Kodwa lendlela, "Uma umkhonzi, eke wahlanzwa esonweni, akasenawo nhlobo unembeza waso," into isifile, yedlulile, futhi uguqukile usuka ekufeni uya ekuPhileni. Futhi usuyaphila futhi kuKristu uJesu nokuPhila okuPhakade, uMoya oNgcwele

uphumule kuwe, uletha phambili ukuPhila kukaJesu Kristu futhi. Ngokuba iBhayibheli lasho, kumaHeberu 13:8, "Unguye izolo, namuhla, naphakade."

65 UNkulunkulu ulindele ihora ukubona iBandla laKhe liza kuleyondawo, kungakhathaleki ngehlelo, kungakhathaleki ngesivumokholo, umbala, noma kungaba yini, ukuthi iBandla laKhe lonke liyoza endaweni lapho beveza uphawu lokufa kukaJesu Kristu.

66 "Kuseyisikhashana," Washo, "nezwe alisayikuNgibona, nokho niyoNgibona nina; ngoba Ngiyaphila, nani niyaphila futhi. Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe," uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

67 Ngingena phakathi kwamaKristu ngesinye isikhathi azisho ukuthi angabesilisa abangcwele, abesifazane bakaNkulunkulu. Banamahloni ngokufakaza. Banamahloni ukuba bathi, "Amen." Banamahloni ukucula amaculo aseZiyoni. Banamahloni ndawozonke. Ngiyathanda ukungena phakathi kwabantu abangenamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu. Nakuba Libonakala lingukuhlanya, kepha nokho abanamahloni. Okuthize kwenzeka, futhi Kusho okungaphezu kokuphila kubo. Ngukuphila. NgukuPhila okuPhakade ngoba basemukele isibambiso sikaNkulunkulu.

68 Ngiyaluthanda loluhlobo lokucula. Ngenkathi ngangisemuva lapho ngikhulekela abanye abantu, emizuzwaneni embalwa edlule, ababengenisiwe. Nalona kungesiyo inkonzo yomkhuleko; ukukhuluma nje. Ngangiphakathi lapho. Ngangiwezwa amaculo, ukushaywa kwezandla. Futhi samangala...Futhi abanye babo ngisho, ngibabonile, behla benyuka kwiphansi lendlu, abakubiza ngoku "sina eMoyeni."

69 Ekuqaleni, ngangingumgxeki walokho, ngenkathi ngibona abantu bePentecostal besina eMoyeni. Futhi ngacabanga, "Yini lena na? Kufanele ukuthi kwakuyisigejane sombhedo." Khona-ke ngangifunda iBhayibheli, futhi ngathola, ukuthi, uma usina eMoyeni. Udeveli uyakukopisha bese ekubeka phandle lapha nomculo wokuzibinya nento, kodwa ukusina kwangoqobo ngempela kuvela kuNkulunkulu. Kunjalo. Futhi, njalo, ukusina kwakungukunqoba.

70 Ngenkathi uDavide ebulele uGoliyathi, nalona omncanyane umfana obukeka ebomvana eza ehudula ikhanda lalesisiqhwaga emzini, abantu bahlangana naye, esina. Babanokunqoba. Ngenkathi uMose enqamula uLwandle oluBomvu, ngamandla kaNkulunkulu, futhi wathatha abantwana bakwaIsrayeli ngakolunye uhlangothi, uMariyamu wacosha isigujana ithamborini, nawo onke amadodakazi akwaIsrayeli, futhi babehla benyuka osebeni, beshaya isigujana ithamborini futhi besina eMoyeni. Uma lowo kungesiwo umhlangano oyifeshini

endala wePentecostal, angikaze ngiwubone owodwa empilweni yami. Inkathazo kwakungukuthi, ngami, ngangingenakho ukunqoba okwenele. Kodwa uma ekugcineni uthola lokho kunqoba, nophawu lweGazi likaJesu Kristu lufika phezu kwakho.

71 Ngikhumbula uDavide, umhubi omkhulu weBhayibheli. Ngenkathi wayenze okuthize, ukuthi, lento enkulu, wanikezwa indodakazi kaSawulu. Futhi wayethi ukuba uhlobo oluzifaka isitashi, oluzifaka isitayela, obizwa ngekholwa. Futhi umphongolo wawukade usukile kuNkulunkulu isikhathi eside, uBukhona bukaNkulunkulu obubonakalayo, iNsika yoMlilo ilengela phezu kwalomphongolo. AmaFilisti ayengena futhi akukhipha phansi kokubusa kukaSawulu. Futhi ngeliny'ilanga, ngenkathi uDavide ebone umphongolo ubuyela endlini kaNkulunkulu, uDavide wagijima phambi komphongolo, futhi wasina phambi kweNkosi, ecula izindumiso zikaNkulunkulu. Nendodakazi kaSawulu yabonakala iphoxekile kakhulu impela kulokho kwenza kwendoda. Umyeni wakhe, owakhe omncane, umyeni obukekayo wayegigithekile futhi waziphatha kabi ebukhoneni bayo, indodakazi yenkosi. NoDavide washo, okuningi kakhulu, "Uma ungakuthandi lokho, bhekisisa lokhu okwesikhashana." Futhi ngokuzungeza, nokuzungeza, futhi waphinda wazungeza umphongolo, esina eMoyeni. Futhi yaphoxeka. Futhi uNkulunkulu wamqalekisa owesifazane ngesiqalekiso.

72 O, ukunqoba ngeGazi likaJesu Kristu, uphawu lokuvuka kukaKristu, ukuphila kwaKhe kuhlezi ngaphakathi eBandleni laKhe. Ayikho enye indlela yenhlanganyelo, ngaphansi, kodwa ngaphansi kweGazi. Amahlelo ethu azosehlukanisa, nomunye wathi, "Lowo ngumbhedo." Nomunye washo *lokhu, lokho*, noma *okunye*.

73 IPentekoste yayisifanekiso sethu. Akekho noyedwa ukuba asho kodwa lokho... noma asho kodwa lokho iBandla elalikugcotshelwe ngoSuku lwePentekoste. Futhi uMoya ofanayo owafika phezu kwabo ngalolosuku, ngasosonke isikhathi ngaphandle kokwahluleka, eBhayibhelini, ngenkathi uMoya oNgcwele ufika phezu kwabantu, baziphatha ngendlela efanayo.

74 Ake ngisho lokhu, ukuthi emazweni abahedeni lapho nganginendawo, inhlanhla yokuhamba futhi ngibona abomdabu boblankethe baseziqhingini nakumaLawu, futhi ngibabone bemi lapho lapho wawudingeka ukhulume ngomhumushi, abangakaze bezwe ngeGama likaJesu Kristu empilweni yabo. Kodwa baxoxele iNdaba, futhi ubacele baphakamise izandla zabo futhi bemukele uNkulunkulu, benza into efanayo eniyenzayo khona lapha uma nemukela uMoya oNgcwele. Kukhombisa ukuthi yinto yomhlaba wonke. Ngamandla kaNkulunkulu uSomandla, ukubonisa uphawu lwaKhe phezu

kwabantwana baKhe, noma ngabe babomvu, bamnyama, bamhlophe, noma ngabe bengaba yini. Yiyonandawo kuphela inhlanganyelo enikezwa khona.

75 UNimrodi wakha umbhoshongo, noNebukhadinezari umuzi, nokunye nokunye. Baqhubeka behla badabula kososayense nayo yonke into, kodwa basalokhu beyilokho okwakusegazini. Ukuthi, uNkulunkulu wenza isinqumo saKhe ukuthi kuyoba yisibambiso esimsulwa, kwakuyodingeka kuthathe indawo yokuxolelwa yomuntu onecala, futhi kusalokhu kuyinto efanayo kulobubusuku, futhi akukaze kukuguqule.

76 UJobe waphila ngakho. UJobe, incwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini. Nakuba yonke into yenzeka kuleyondoda, nokho wama waqina ngoba wayazi ukuthi wayehlangabezane nesidingakalo sikaJehova. Wayazi ukuthi kwakulungile. UAbrahama, indlela efanayo; abaningi babo. UIsrayeli wahlangana kuphela . . . Kwakunendawo eyodwa kuphela uIsrayeli ayengahlanganyela kuyo: lokho kwakuphansi kwegazi elichithekile. “Abantu babefanele, ndawo zonke, bakhonze eJerusalema.” Kuze kube kwakunomhlatshelo, kwakungekho kukhonza. Nomhlatshelo kwakuyigazi.

77 Namhlanje, namhlanje, nokho njengoba sigcwele ukufundiseka njengoba isizwe sibonakala sinjalo, futhi njengoba bephakeme kakhulu emasikweni njengoba bebukeka benjalo, futhi lonke ucwaningo lwethu lwesayense lokuhlukanisa iatomu, noma ngabe yini eyenzekayo, ukudubula umcibisholo enyangeni, noma ukuthumela phezulu i—isethilayithi, noma kungaba yini. Lonke ucwaningo lwethu lwesayense, onke amahlelo ethu, yonke imfundo yethu, zonke izikole zethu, zisiqhelisile kuphela kuNkulunkulu njengoba babenjalo ekuqaleni.

78 Kuthatha inhliziyo ezinikele emandleni kaNkulunkulu uSomandla ngentando yaKhe, noMoya oNgcwele uzoza njengophawu phezu kwalowomuntu. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Kuhlala kufana njalo. UKristu washo njalo. “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kusosonke isidalwa. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwayo uyakulahlwa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Ngukubonakaliswa kukaMoya oNgcwele, ukuthi uNkulunkulu umemukele umkhonzi, ngokuba uMoya nokuPhila okwakukuKristu kufika phezu komkhonzi.

79 Ubungathini nje umJuda ngezinsuku zakudala, phansi kwegazi elichithekileyo na? Nangu uyeza, wehla ngomgwaqo. Wu—wusuku lokubuyisana. Uzokwenza umhlatshelo. Unekahle, inkabi ekhuluphele. Leso yisidingakalo sikaJehova. Noma mhlawumbe sizothi une—newundlu, elikahle, iwundlu

elikhuluphele. Lizobhekwa, ngumpristi, ukubona uma kukhona isici kulo.

80 Futhi khona-ke uya endaweni yokukhonzela. Uyaqonda ukuthi uyisoni. Wenza lokho okwakungalungile. Manje, ubeka izandla zakhe phezu kwalomhlatshelo. Ngokubeka izandla zakhe phezu komhlatshelo, uzibandakanya kanye nomhlatshelo wakhe. Bese kuthi-ke uma umphimbo walo uqunywa, noma ukuphila kwayo kuthathwa; izandla zakhe zazibekwa phezu kwalo, futhi impilo yalo isithathiwe, futhi uzwa ubuhlungu lapho lesisilwane sifa, negazi litshazela phezu kwezandla zakhe. Uyaqonda ukuthi lesosilwane sithatha indawo yakhe. Futhi nango ebuyela emuva, elungisisiwe, ngoba wenze khona impela uJehova ayekudinga ukuba akwenze.

81 Futhi leyo into efanayo okungayo ngamaKristu namhlanje. Akusikho ukusayina ikhadi, ukuthi uzoza kuSonto sikole izinsuku eziningi kangaka noma amaSonto amangaka onyakeni. Akusikho ukuthatha isithembiso sokwethembeka ukuthi awusoze waphuza izinyanga eziyisithupha. Akusikho lokho. Ngukubeka izandla zakho phezu koMhlatshelo kaNkulunkulu ohlinzekiwe, ukuxolela kwaKhe, ikhanda likaJesu Kristu, nokuzwa izinyembezi zenyama eKalvari. Bese kuthi-ke ekuzibandakanyeni qobo lwakho naYe embhaphathizweni, ukuthi, lapho Efa futhi wavuka futhi, kanjalo ungcwatshwa eGameni laKhe, ukuze uvukele ebusheni bempilo, ukuhamba njengesidalwa esisha kuKristu, uma wenza lokho ngobuqotho.

82 Wenza lokhu, ukubopha kukaJehova, futhi ngakho uzizwa elungisisiwe. Manje, iJuda lalingalungisiswa ngoba wayenze lokho uJehova amyale ukuba akwenze. Ekugcineni . . . Lokho kwakulungile. UJehova wakwenza lokho, futhi yilokho Ayekudinga. Kodwa, ekugcineni, lokho kube isiko lomndeni. Kuba usuku lokubuyisana futhi mhlawumbe amaJuda ayekade enze okwakungalungile. Wayethi, "Awu, ngikholwa ukuthi usuku lokubuyisana. Ngingcono ngehlise iwundlu lami." Niyabo, kuba isiko lomndeni. Abahambanga ngobuqotho. Bakwenza nje ngoba imindeni wawukwenzile. "Lokho nje yi—yinto esifanele siyenze. Yonke imindeni iyakwenza, ngakho sifanele sikwenze, nathi."

83 Futhi yilokho impela nje ubuKristu bethu obunakho. Yilapho impela nje iminyakazo yethu yamaPentecostal eza kukho. Yisiko lomndeni. Niyabo? Asi—asizibandakanyi thina uqobo noMhlatshelo wethu, ukuthi sifile noMhlatshelo wethu. Si . . . Sithi, "O, singamaKristu ngoba ngahamba futhi ngajoyina ibandla." Ukujoyina ibandla kulungile. Kodwa uze ukuba ubandakanyiwe, uze ukuba ubeka izandla zakho phezu kwaKhe, futhi wena naYe nibaMunye, kuze kuthi uMoya kaKristu uza kuwe, futhi wena kuKristu, uze ube yindodana nendodakazi kaNkulunkulu, lapho akubonakali kunobuqotho aba—ababefanele babenabo. Kuba yinkambiso. Ngokufanayo

nje njengoba kunjalo manje, yinkambiso yabantu ukuba umKristu.

84 Lapha esikhathini esedlule ngabuza inenekazi elincane emgqeni womkhuleko, "Ngabe ungumKristu na?"

85 Lathi, "Awu, nginguMelika, ngizokunika ukuthi uqonde." Manje, njengalokho kwakungenakwenza lutho ngakho.

86 UmMelika, kuyinto enkulu ukuba umMelika, kodwa lokho akuchazi ukuthi ungumKristu. Ufanele uzalwe ngokusha.

Omunye wesifazane ngambuza, "UngumKristu na?"

87 Ngani, wayedinwe kakhulu, wathi, "Ngizonika ukuthi uqonde, ngikhanyisa ikhandlela njalo ebusuku." Lokho kanjalo akuhlanganise lutho nalokho.

88 Uzofanele ubandakanywe noKristu, nokuPhila kwaKhe kuphila kuwe. Kuyilapho ubandakanywe noKristu, kungenkathi uKristu ehlala kuwe. Akusiyo inkambiso. Akusikho ukusonta. Lokho konke kuhle, kodwa ubona ubuqotho ngempela.

89 Uma siza ezinkonzweni zokuphulukisa, uma nizoqaphela ekwahlukaniseni emgqeni, ngokuqhubekayo, "Tshela abantu ukuba baphenduke." Niyabo? Nakho lapho oyakhona, sekuze kuthi imikhuleko yethu usube yisiko. Siguqa phansi ebusuku bese sithi, "Nkosi, busisa u*S'bani-bani*, futhi ubusise u*S'bani-bani*, futhi wenze *lokhu*. Futhi siza uJohn yenza konke *lokhu*." Nenza uNkulunkulu into eletha inhlahla, noma niMenza u—uhlobo lomfana othize womsebenzi wokuthunywa. "Nkulunkulu, Yenza *lokhu*. Futhi Wenze *lokhu*. Futhi Wenze *lokhu*." Akusiyo indlela uJesu asitshela ukuba sikhuleke ngayo.

90 Wasitshela ukuba sikhuleke kanje, "Baba wethu OseZulwini, malingcweliswe iGama laKho. UMbuso waKho mawuze. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni, njengaseZulwini."

Kodwa sizama ukuyala uNkulunkulu, ukuthi akasenzeleni.

91 Futhi yingaleso sizathu ibandla liphola. Yingakho imvuselelo enkulu esanda kushaya umhlaba, yafaka izigidi ebandleni. Kuyi, khona, baya endaweni abasebenzisa lezizehlakalo, nokunye nokunye, njengesiko, esikhundleni sokuba ngabamesabayo uNkulunkulu abalusizi, futhi bevumela uMoya oNgcwele wenze umsebenzi wesikhundla saKhe kuwe, futhi udale kuwe impilo entsha, futhi ukwenze ulambele kakhulu ukuya ebandleni ukuthi ungeke waqhela ebandleni. Khona-ke, kuyilokho-ke. Kungesikho ukusayina amathikithi, nokujoyina, nokuba nokunye nokunye. Kungukuba nokuPhila kukaKristu kuwe, ukuthi ufanele ulangazelele ukuhamba. KuneNto ethize kuwe, ekufuqayo.

92 Njengoba ngangisho ensizweni izolo, engxoxweni, ekukhulumisaneni okuncane. Ngathi, "Ngangivamise

ukwedlula ngasemthonjeni omncane, lapho ngisengumqaphi wezinyamazane eIndiana. Futhi kwakukhona . . . ”

93 Kwakuhlala njalo kungumthombo ojabule ukuyedlula yonke engake ngawubona empilweni yami. Imithombo emikhulu eIndiana, iphuphuma ngalawo manzi amnandi abandayo, amanzi amatshe omcako. Futhi ngeliny'ilanga ngahlala phansi ngasemthonjeni, ukuba ngikhulume kuwo, ngokufanayo nje ngiqagele uMose ayengahlala, esihlahleni esivuthayo, ukuba akhulume kuso. Futhi ngathi, "Mthombo omncane, yini ekwenza ujabule kangaka, uyaphuphuma ngaso sonke isikhathi na? Uma ngifika lapha esikhathini sasebusika, uyaphuphuma. Uma ngifika entwasahlobo, entwasabusika, ehlobo, noma ngabe kunini, uyaphuphuma. Yingoba ukuthi mhlawumbe, mhlampe, ujabule kakhulu ngoba onogwaja bayeza futhi baphuze kuwe na?"

94 Awu, manje, ukuba ubungakhuluma, ubuyothi, "Qhabo, lokho—lokho akusikho."

95 Bengiyothi, "Awu, mhlawumbe ngoba izinyamazane amadiye ayedlula futhi aphuze kuwe."

Ubuyothi, "Qhabo, akusikho lokho."

96 Bengiyothi, "Manje, awu, mhlawumbe yingoba ngiyeza ngedlule, ngasikhathi, futhi ngiphuze kuwe."

97 "Qhabo, akusikho lokho. Ngiyajabula ukuthi bonke bayafika futhi baphuze, kodwa leso akusona isizathu ukuthi ngiphuphuma njalo."

98 "Awu, yini ekwenza uphuphume kanjalo na? Yini ekwenza ujabule kangaka, uphophoza njalo na?"

99 Ukuba wawungakhuluma, ubuyothi, "Akusimina. Yinto ethize emva kwami, engifuqayo."

100 Yileyondlela okungayo ngesehlakalo samaKristu. Akusiyona into ozama ukuyisebenza. Kuyinto ethize ngemuva, isebenza kuwe. NgukuPhila okuPhakade okuhambayo kwenyuke, kuphophoze kwenyuke. Njengoba Atshela owesifazane emthonjeni, "Kuyoba yimithombo yamanzi igxuma phezulu ekuPhileni okuPhakade." Kuyinto ethize ngaphakathi komkhonzi uma ebandakanywe noKristu, ngoba uyazi ukuthi Uyaphila. Kodwa asikufuni kuphenduke isiko.

101 Ngenkathi uIsrayeli efika endaweni lapho abenza khona imithetho kaNkulunkulu, ngemihlatshelo yabo, isiko, kwakungaleyonkathi ukuthi umprofethi onamandla uIsaya wathunywa nguNkulunkulu, kubo, no ISHO KANJE INKOSI. Ndawo ndawo, ngandlela thize, uNkulunkulu njalo angabeka isandla sakhe kumuntu ongesabi ukuhhundula into elungile, ndawo ndawo, indawo ethize. UIsaya wavuka, uma uzofunda uIsaya 1. Ngimbhalile lapha. UIsaya wabatshela, wathi, "Imihlatshelo yenu uJehova ayidingayo iyanuka emakhaleni

ami. Ngiyayenyanya." Namanoni ezinqama na—nawezithole, nokunye nokunye, uNkulunkulu uyawenyanya, yona impela into Abayala ukuba bayenze. Ngoba bayenza inkambiso, khona-ke uNkulunkulu wayenyanya, ngoba bayenza inkambiso.

102 Futhi singalenza into efanayo iZwi likaNkulunkulu, kunjalo, uma siza kulo njengesiko, njengenkambiso. Sifanele size kulo, sazi ukuthi ngu"ISHO KANJE INKOSI." Uma uNkulunkulu alethembisa, uNkulunkulu uyoma ngasesithembisweni saKhe. Mkhulu kunesethembiso saKhe. Ubehlala enjalo. "Uyakwenza," njengoba uAbrahama athi, "ukwenza lokho Ayethembise ukukwenza." Angakwenza lokho njalo, ukugcina iZwi laKhe.

103 Manje uIsaya wabatshela, washo, zonke lezizinto ababekade bezenza, babekwenze ngaphandle kobuqotho. Babekwenze nje ngoba bonke abanye wayekwenza. Babe ngoba . . . kwenza futhi ngoba kwakuyisidingakalo sikaJehova. Nawo wonke umndeni wakwenza, nomama bakwenza, nomkhulu bakwenza. Babengeke bakwenze ngani na?

104 Manje, senza into efanayo. "Umkhulu wami wayeyiPresbyterian, ngakho ngiyiPresbyterian. Ubabayi wami wayeyiBaptisti, ngakho ngiyiBaptisti," nokunye nokunye. "Futhi ubabayi wami wayeyiPentecostal, ngakho ngiyiPentecostal." Lokho aKusikho.

105 Sifika endawaneni lapho esiqonda khona ukuthi sizehlukanisile. Sehlukanisiwe kuNkulunkulu. Futhi sifika phezu kwezisekelo zeGazi elichithekile likaJesu Kristu. Ngaphansi kwaleloGazi, yilapho iMethodisti, iBaptisti, iLuthela, iPresbyterian, amaPentecostal, onke angahlangana ezinkundleni ezifanayo. Kungakhathaleki ngesiko, bona, noma inkambiso, bangahlangana lapho phansi kwento eyodwa efanayo, futhi lokho kuphezu kweGazi likaJesu Kristu.

106 Lize ibandla libuyele emuva endaweni, futhi lidede ezinkambisweni zalo, futhi libuyele ecebweni likaNkulunkulu lasekuqaleni, lawomadoda azalwa eMbusweni kaNkulunkulu futhi hhayi ukujoyina iBandla. Khona-ke yisikhathi ukuthi inhlanganyelo iyobusa ndawo zonke. NoMoya weNkosi uyomboza umhlaba, "njengamanzi emboza ulwandle," uma efika endaweni lapho amadoda engakhohlwa imihluko yawo futhi ahlangane ndawonye enhlanganyelweni phansi kweGazi. Ngeke sonke size ngaphansi kwesiko leBaptisti, noma isiko lePresbyterian, noma ngaphansi kwesiko leMethodisti, ngaphansi kwesiko lePentecostal. Kodwa sonke singahlangana futhi sikhonze ngaphansi kweGazi likaJesu Kristu, ngoba kuyicebo lasekuqaleni likaNkulunkulu. Kunjalo. Amen. Nakho ukuxolelwa.

107 IMethodisti ingabuka iBaptisti futhi ibambe ikhanda layo emaceleni, neBaptisti ingabuka iPentecostal, nePentecostal

emuva kwiBaptisti, emasikweni abo. Kodwa uma behlangana ngaphansi kwesiphambano lapho iGazi likaJesu Kristu lihlanza wonke umuntu esonweni, uyisidalwa esisha kuJesu Kristu. Ungumfowethu. Akunandaba ukuthi hlobo luni lophawu aphawulwe ngalo, ungumfowethu. Ngoba leyo yinkundla eyodwa lapho esingahlangana khona. Yindlela kaNkulunkulu yokukwenza. Lezi ezinye izinto yizivumokholo ezenziwe umuntu ezijovelwe kuLo. Kodwa icebo likaNkulunkulu lasekuqaleni lokuxolelwa lingaphansi kweGazi likaJesu Kristu. Lelo yicebo likaNkulunkulu lokukwenza. Yebo.

108 Amasiko ngalezozinsuku, umprofethi omkhulu wamemeza kakhulu, futhi wathi, "Amasiko enu awanamandla. Ayanuka phambi kwaMi. Ningabi nakukholwa kuwo." Abantu babenikela leminikelo, engenakho ngisho ukukholwa kulokho abakwenzayo.

109 Manje ake sizibuze umbuzo nje. Lokho akusiyo into efanayo namhlanje na? Kubi njengoba sizonda ukukusho, sifanele sibhekane namaqiniso ndawanathize. Kunento eyiphutha ndawanathize.

110 Ngani, leliBandla belifanele libephezulu emgwaqeni ngamamayela ayisigidi, kunala likhona manje. UJesu ulinde iBandla laKhe ukuba lizilungisele. "Umlobokazi waKhe uzilungisele." Sinamandla. UMoya oNgcwele ulapha. UNkulunkulu ulapha, amandla okuphulukisa abagulayo, amandla ukwenza zonke izinto uKristu azenza. Ngikubonile kukhonjisiwe, qobo lwami, ngoMoya oNgcwele. Ngakho, amandla alapha.

111 UNkulunkulu asilinde sisuke kukho, ngamasiko ethu, futhi sibuyele emuva ngaphansi kweGazi leNdodana yaKhe, uJesu Kristu, futhi sibe iBandla likaNkulunkulu ophilayo. MaMethodisti, maBaptisti, maLuthela, maPresbyterian, noma ngabe ubani, "Othandayo makeze futhi athathe amanzi okuPhila ngesihle." Ngiyakukholwa lokho ngakho konke okukimi. Thina . . . UNkulunkulu uthumele phansi uMoya oNgcwele ukwenza lokho.

112 Kodwa thina, ngezinkambiso zethu, ngaphandle kobuqotho, thina sihamba, yingoba kuyi—kuyisiko lethu, futhi ngoba yinkambiso. Sihamba ngaphandle kobuqotho, ngaphandle ngempela kosizi lwesono.

113 Ngiyaqaphela, ngobunye ubusuku, kulowo mhlangano odumile womunye wabafowethu abakhulu abanesithunzi eCalifornia. Futhi ngaqaphela lowo mhlangano, lapho labobantu behla, abantwana abancane abayinjejane. Ngamazisa umfowethu ngokuma kwakhe okukhulu; noma ubani ubengamazisa. Uma uzibeka endaweni, bukani indawo ayithathile kulezizinsuku zokugcina, nawe uzokwenza. Futhi lapho ngiqaphela labobantu behlela ealtare, ukwenza isinqumo,

amantombazane ehlafuna ushingamu, abafana bengqubuzana ngenqindi, abantu behleka, leyo akusiyo indlela yokuza ngokwesaba uNkulunkulu ngosizi. Ufanele uze ngaphansi kokuvuma. UNkulunkulu, wasithumelela imfashini endala, ipentekoste, imvuselelo kaMoya oNgcwele ezoletha isono empandeni futhi ilethe ukuvuma kwabesilisa nabesifazane.

114 Kungesikho ukuthi, "Ngizobuyela emuva ebandleni futhi ngizovuselela inhlanganyelo yami. Ngizosayina ikhadi." Lokho kulungile, kodwa ungayijoyina iMasons, iOdd Fellows, noma yini enye, futhi uthola imiphumela efanayo.

115 Kodwa uma uza ngaphansi kokubuyisana kokuxolela kukaNkulunkulu kweGazi likaJesu Kristu, kuzofanele kube nobuqotho bubekwe phakathi lapho. UNkulunkulu ufuna ubuqotho.

116 Uma kwaMbiza inani elinje, ukunika iNdodana yaKhe kuphela ezelweyo, sizokwedlula kanjani, ngaphansi kodatshana oluhlekisayo, futhi size sijoyine ibandla, futhi senze ikhadi lesinqumo futhi sisiyise ebandleni, noma kungaba yini na? Leso akusiso isidingakalo sikaNkulunkulu. "Ohamba etshala ngezinyembezi ngokungangabazi uyakubuya, ngokuthokoza, ephethe izinyanda zakhe eziligugu." Sidinga abantu abaphethe izinyanda.

117 Ngezwa isisho esikhulu somvangeli, ngesinye isikhathi ngenkathi ngangethamele izidlo zakhe zasekuseni, wacosha iBhayibheli . . . Futhi ngangihlala ngimazisa. Wathi, "Nanku umgomo. Yilokho uNkulunkulu akudingayo." Wathi, "Ngiyohamba ngiye edolobheni, ngiyoba nemvuselelo." Wathi, "Ngiyoba namashumi amabili noma amashumi amathathu enkulungwane enza isinqumo. Ngiyabuya cishe eminyakeni emine noma emihlanu, noma mhlawumbe iminyaka emibili," futhi wathi, "angitholi ishumi nahlanu noma amashumi amabili." Wathi, "UPawulu ongcwele waya edolobheni futhi wenza oyedwa ophendukile. Uyabuya ngomunye unyaka, wayesenamashumi amathathu noma amashumi amane ngalowo oyedwa." Khona-ke wathi, "Ngabashumayeli abavilaphayo abahlala bebeke izinyawo zabo phezu kwedeski futhi bengaphumi ukuyobona abantu."

118 Ngiyasazisa isibindi sakhe ngokuklabalasela abazalwane bakhe, nezinto phezu kokuvuma kwakhe. Kodwa ngingathanda ukumbuza lombuzo, "Yimuphi lowomshumayeli owasho lokho emuva lapho ngaphansi kukaPawulu, lapho kungekho mabandla akhe ukuya khona na?"

119 Kwakuyini na? UPawulu emthatha esikweni, noma ukusayina ikhadi, kuya embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, lapho umphefumulo wakhe wawusemlilweni ngoNkulunkulu. Wayezofanele afakaze futhi asho izinto. Umphefumulo wakhe wonke wawuvutha ilangabi lomlilo uNkulunkulu ayewufake

lapho. Esikudingayo kulobubusuku isibonakaliso ukuthi owesilisa noma owesifazane usindisiwe, babhekisiseni behamba belandela eminye imiphefumulo ngokukhulu ukushesha abangakwenza.

120 Washo ngesinye isikhathi ukuthi odayisa ebhaleni. . . Umfana omncane uyangena futhi wathi, "Mnu. Mdayisi wasebhaleni?"

Wathi, "Yebo, ndodana."

Wathi, "Isayini yakho iwile."

121 Wathi, "Awu, ngiyabonga, ndodana." Ngakho waphumela ngaphandle, nomfanyana wama nezandla zakhe emva kwakhe, nomdayisi wasebhaleni wabuka phezulu. Futhi kwakunendlu enkulu edayisa utshwala epuletini elikhulu lethusi, likhangisiwe. Watha iphinifo lakhe futhi walipholisha. Wathi, "Ndodana, unephutha. Isayini yami ibheke kahle."

122 Wathi, "Qhabo, mnumzane." Wathi, "Ayibhekile kahle." Wathi, "Ngiqonde isibonakaliso sakho—sakho esizedlula zonke."

Wathi, "Leso yisibonakaliso esizedlula zonke enginaso."

123 Wathi, "O, qhabo. Buka, kulele *lapho*." Nakho kulele isidakwa, emseleni. Leyo yisayini ewedlula onke ayenayo, yebo, mnumzane, lapho ebona indoda ingaphansi kokuthonywa yilokho ayekudayisa ngaphakathi.

124 Futhi uma sibona indoda ingaphansi kokuthonywa kukaMoya oNgcwele, kuze kuthi impilo yakhe ivutha uMlilo wefeshini endala yephentekoste, leso yisibonakaliso esizedlula zonke uNkulunkulu ake abanaso ukuthi umuntu wayesindisiwe, uma ezokhonza. Kwakuyisayini ewedlula onke. Manje, lokho kuzoza kanjani na? Hhayi ngokujoyina ibandla, kodwa ngokwemukela ukuxolela kwaKhe ngoJesu Kristu, isiBambiso sakho esingenacala.

125 Akukho buqotho, akukho kudabuka kwangempela ngesono. Wathi Uyofihla ubuso baKhe ezinkambisweni zabo. Imikhuleko yabo yayingenamandla. Bakhuleka, o, impela. Benyukela lapho futhi basho imikhuleko yabo. Banikela umhlatshelo wabo. Kwaba yisimo.

126 Niyazi, kuThimothewu wesiBili, ivesi 3, noma isahluko 3 sikaThimothewu wesiBili, satshelwa into efanayo, ukuthi sizongena ezinsukwini zokugcina na? IBhayibheli lasho lapha, "Ezinsukwini zokugcina, yazini lokhu, ukuthi isikhathi siyofika lapho abantu bayoba ngabanamawala, nabakhukhumele, nabathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; nabahlebi, nabangazithibi, nabangenabumnene, nabangathandi okuhle; nabangenasimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika: labo-ke wobagwema. Ngokuba kulabo kuvela abanyonyobela endlini kuya endlini, behola

abesifazane abasindwa yizono, beqhutshwa yizinkanuko eziyizinhlobonhlobo, befunda njalo—njalo, kepha bengeke bakwazi ukufika ekulazini iQiniso." Manje, uma iBhayibheli libikezela ukuthi ihora liyofika lapho ibandla liyongena esikweni elifanayo ababekulo lapho, ngezinkambiso zabo, nakhu futhi, inkolo eyisiko, okungenamandla.

127 "O," bathi, "bona babengamakhomanisi." Qhabo, babengesiwo.

128 "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu." Baya ebandleni. Bajoyina ibandla. Bazama ukwenza u—umbukiso omude, ukuthi baya ebandleni nezinto, futhi baphume futhi baphile ngokwehlukile.

129 Akukho-mlilo emphefumulweni wabo. Akukho lutho. Abakhathalele noma ubani. "Wonke umuntu angafa futhi ahambe uma befuna. Sizwa ukuthi sisindisiwe. Mabahambe bonke." Lokho akusikho ubuKristu bangempela.

130 UbuKristu nguku: hambela abalahlekile, ukuhamba uyothola loya mfowethu, ukuhamba uyokwenza okuthize ngakho. Singama futhi sisonge izandla zethu, uma ngisho sizisho ukuthi sisindisiwe, futhi sibona abesilisa nabesifazane befa ngakuyo yonke indawo na? Futhi imigwaqo, igcwele abesifazane abaya emabandleni, nezikhindi no—nobuso obupendiwe, futhi—futhi behamba behla benyuka ngesitaladi, nosikilidi ezandleni zabo; na—nawo wonke upende ebusweni babo bonke, kubukeka njengezimpungushe nezimpisi, noma okuthize. Nabesilisa behla benyuka ngesitaladi, bejoyina amabandla, nezinto ezinjalo. Futhi babiza lokho ngobuKristu, futhi nithule na?

131 Ubeyokwenzani uPawulu oNgcwele ukuba wayehambe wangena eTucson na? Manje, ngithi babeyokade bemfake etilongweni ngaphambi kokusa. Kunjalo. Ngani na? Umphefumulo wakhe wawungavuthela uNkulunkulu aze angakwazi ukungakwenzi. Impela. Kodwa sijoyina ibandla. Niyabo, amasiko ethu liba ngokunuka kabi ebusweni bukaNkulunkulu.

132 Esikudingayo namhlanje umprofethi ovuka enkundleni no "ISHO KANJE INKOSI" futhi ahhundule lezozinto kuze kuyofika ekugcineni futhi athi sebebe ngokunuka kabi. Amahlelo ethu selikhulile. Amabandla ethu makhulu, futhi mahle kakhudlwana kunoma ayenjalo. Besiyoba ngcono nepani lethini, simi emihubheni futhi, nesiginci, phandle lapho sishaya idilamu, noma enye into, noMlilo wangempela wephentekoste uvutha emiphefumulweni yethu, kunokuhlala ezihlalweni ezinkulu zasesontweni esihlezi kuzo namhlanje, sifa. Izwe lifa, ngaphansi kwezinyawo zethu. Yebo, mnumzane.

133 UNkulunkulu unokuxolela, nalokho kuxolela kungoJesu Kristu kuphela; imfundo, isiko, ubuhlelo, ubusayense, akukho lutho oluyoke luthathe indawo yakho. Kungaphansi

kwaleloGazi. Kungaphansi kwesiko...hhayi isiko, kodwa ngaphansi kweGazi likaJesu Kristu, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yezoni, indlela kuphela esingake sihlangane nayo.

134 Ngiyanitshela, uthatha iMethodisti, uthatha iBaptisti, nePresbyterian, neLuthela, nePentecostal, futhi uvumele ngalinye lize ngaphansi kwaleloGazi, bangabafowethu. Akukho kuqophisana ngabo khona-ke. Qhabo, mnumzane. Bangabafowethu. Babona yonke into ngokufanayo. Kodwa uvumela iMethodisti ingene ekuqophisaneni neBaptisti, enqubweni wombhaphathizo; vumela iOneness iqophisane neTrinity, noma iTrinity neOneness, noma yini enye, bhekisisa ukuqophisana nezinwele ziphakama. Kodwa bavumele bobabili beze ngaphansi kwesiphambano, futhi bhekisisa ukuthi kwenzekani.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]
Kuyoba njalo ngize ngife.

Bese-ke kwelobukhosi, iculo elimnandi kakhulu,
Ngiyocula lamandla okusindisa,
Uma lolu olushwashwazayo bandla, ulimi olungingizayo
Lulala luthule ethuneni.

135 Nginikeza ubufakazi, kulobubusuku, ukuthi iGazi likaJesu Kristu lenza iMethodisti, iBaptisti, iLuthela, iPresbyterian, noma ngabe uyini, umfowethu. Yebo, mnumzane. Kunento ethize kumfo, ngoba umoya wakhe ungu—ungumfowethu. Akasiye oqophisanayo ne—nenye into ethize. Ngu...Ungumfowethu kuKristu. Ukholwa yilolonke iZwi elikuleloBhayibheli.

136 Ungakwenza kanjani uMoya oNgcwele, Owaloba iBhayibheli, uLiphike na? Ungakwenza kanjani uMoya oNgcwele uphila kumuntu, uthi, "O, lokho kwakungokwabafundi, lokho"?

UJesu wathi, "Lowo othandayo."

137 UPetru wathi, "Isithembiso ngesenu, nabantwana benu, labo okude, nabaningi labo iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." UMoya oNgcwele wawungowanoma ubani uNkulunkulu ambizayo.

138 Lapha Wathi, "Labo Abamisela ngaphambili, Wayebazi." Wabamisela, futhi bakwemukela.

139 "Akukho muntu ongeza kiMi," kwasho uJesu, "uma uBaba engamdonsi. Nabobonke labo uBaba aNgiphe bona bayakuza kiMi."

140 Ngabe siza emadlingozini asetshenziwe na? Ngabe siza ukuzojoyina ibandla na? Ngabe siza ngoba asifuni ukuya esihogweni na? Noma, siza ngoba sithanda uNkulunkulu,

ukuthi, "Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, okholwayo kuYe uyoba nokuPhila okuphakade"? Ngabe siza ngoba ngumhlatshelo wothando uNkulunkulu asinika wona, ukuthi singawuveza, wuveza na?

141 UNkulunkulu uyayizonda inkolo engenamandla. Inkolo yabo ayinamandla. Ngakho Ufanele enzeni kulolusuku na? Uyayizonda i . . . Ngasosonke isikhathi, eBhayibhelini, ukuthi uNkulunkulu wake . . . Ngaphandle, loluhlangothi iBhayibheli, noma ngasiphi isikhathi uma kuke kweza inguquko noma imvuselelo, yayisekelwa yizibonakaliso ezinkulu namandla. Ngenkathi uLuther wayeze ngaphambili, ngenkathi uWesley wayeze ngaphambili, ngenkathi bonke abaguquli, uSankey, uFinney, uKnox, uCalvin, noma ubani, lapho befika, kwaba namandla abonakaliswa. Lapho uNkulunkulu ekhona, Ungaphezu kwemvelo. Lapho uNkulunkulu ezibonakalisa Yena uqobo, kufanele kube nokungaphezu kwemvelo.

142 Bukani abaFarisi ngalolosuku abeza kuJesu, futhi babekhuluma ngobumnene nobumnandi. "Ubani onobumnandi kunompristi omdala na? Ubani owayemkhulu kunompristi wabo na? Uza kuwe uma uzalwa. Uma kukhona ukuqophisana komakhelwane, uyeza futhi akuxazulule. Futhi njalo ungumlamuli. Uyindoda enothando. Niyazi uyiyo. Uma usenkathazweni, ungaya kuye, uyakusiza. Kuthiwani ngendoda ebukekayo na?"

143 Khona-ke, ukukhuluma ngaloJesu waseNaretha. "Lompristi, siyazi ukuthi ubaba wakhe wayengubani, ubaba kababa wakhe, ubaba kababa wakhe. Sinesikole lapha esimkhombayo. Ubani loJesu waseNazaretha na? Wavela kusiphi isikole na? Ungowayiphi inhlangano na? Wenzani kodwa uhlala eqophisana na? Uthini ngalowo mpristi wenu omnene na? 'Ungokadeveli,' uJesu washo. 'Ni—niyi . . . Udeveli unguyihlo, futhi imisebenzi yakhe niyoyenza.' Ningathini njena na?"

144 Wenyukela ethempelini, wabheka phezu kwabantu ngokuthukuthela, wakhahlela imihlatshelo uJehova ayeyidinga, futhi wamemeza kakhulu, "Kulotshiwe, 'Indlu kaBaba waMi yenziwe indlu yokukhuleka,' futhi niyenze umhume wabaphangi."

145 Ubeyothini namhlanje uma Efika emabandleni ethu esimodeni na? Bekuyoba namanye amaningi amatafula anyakaziswayo, bekuyoba neziningi isihlalo sasesontweni esigxumayo, ngokuba Ubeyosidabula sibe yizicucu. Kunjalo. Bekuyoba yinto efanayo. Aniboni, uJesu ungokomBhalo kakhulu. WayeyiZwi. Wayengadingeki abhale noma yini. WayeyiZwi. WayeyiZwi eliphilayo. Nabantu bayehluleka ukukuqonda.

146 Futhi ingakwenza kanjani indoda namhlanje, phezu kwemigomo yalokho uJesu akwethembisa: lezizibonakaliso

kulolonke izwe; nalesisibusiso kulolonke izwe; noMoya oNgcwele ukuba wehle njengoba wenza ekuqaleni, kunoma ubani uNkulunkulu ayombiza; ingakwenza kanjani indoda izibize yona uqobo ngomKristu, futhi iphike leloZwi, futhi ithi uMoya oNgcwele ukuyo na? UMoya oNgcwele uyogcizelela lonke iZwi likaNkulunkulu ngo "amen." Kunjalo impela.

147 O, mfowethu, izinqubo zethu zemfundo zisiqhelisile kulo. Futhi awethu—awethu amahlelo asehlukanisile omunye komunye nakuKristu. Kodwa, ini na? Bayoqhubeka nokwenza lokho. Futhi uthatha isibambiso, noma yini enye, akungaphezu kwamacembe omkhiwane futhi. UNkulunkulu uyakwala. Kodwa uma iBandla liza ngaphansi kweGazi likaJesu Kristu, nophawu lukaMoya oNgcwele phezu kwabo, khona-ke nizobona ubuzalwane futhi. Nizobona iBandla ligcwele amandla. Nizolibona.

148 UNkulunkulu uyayizonda inkolo engenamandla. Izofanele ibe ngamandla. Impela. Amandla asindisa umuntu esonweni. Amandla angenza izibonakaliso nezimangaliso njengoba uJesu Kristu ethembisa. Bazibeka phakathi kwelamanqamu eZwini likaNkulunkulu emuva lapho futhi balikholwa, futhi bashaya okuhlosiwe. Zibeke kwelamanqamu ngendlela efanayo eZwini likaNkulunkulu; kuzokushaya okuhlosiwe futhi. Kuzofanele, ngoba Unguyena izolo, namuhla, naphakade. UNkulunkulu akayithandi inkolo engenamandla. UNkulunkulu akakufuni lokho. UNkulunkulu ufuna ukwenza. UNkulunkulu ufuna ukuzikhombisa Yena uqobo ephila. Wona Kanye amathemba ethu nguvuko. Ngabe kunjalo na? Amathemba ethu okuphila nguvuko, uvuko lukaJesu Kristu.

149 Niyabo, uNkulunkulu ufuna ukusebenza ebandleni laKhe. UJesu wathi, "Ngiyoba nani njalo, kuze kubesekupheleni kwezwe. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza." UJohane oNgcwele 12:14, "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza; eminingi kunalo niyakuyenza, ngokuba ngiya kuBaba waMi." Manje, ibandla lizama ukuphika lokho, thola—thola indlela ukuthola amalunga amaningi, ukuba ube nodumo oluningi.

150 Manje ngifuna ukunibuza okuthize. UNkulunkulu uzama ukusebenza ebandleni laKhe, nebandla lizama ukusebenza ngesivumokholo, futhi kokubili ngeke kwasebenza ndawonye. Uzofanele uqhele esivumwenikholo, futhi ungenise uKristu phakathi. Futhi ungakwenza kanjani na? Nxa ebona iGazi, uma iGazi libheciwe ngenhliziyo eqotho, nesandla sabekwa phezu kukaJesu Kristu, nenhliziyo eqinisile phambi kukaNkulunkulu; ukuvuma amaphutha akhe futhi azalwe ngoMoya oNgcwele, khona-ke imisebenzi kaNkulunkulu iyolandela, njengoba Athi iyokwenza. Ya, ibandla lifuna ukwenza ngezivumokholo, futhi libone ukuthi lingathola amalunga amangaki. UNkulunkulu ufuna ukwenza ngamandla eGazi, ukuthola amaKristu azelwe ngokusha. Lowo ngumehluko wakho impela.

151 Ukwenza, kufanele, ufanele wenqabe. Ukwenza lokhu, bona, ufanele wenqabe uMoya oNgcwele namandla aKhe asebenzayo, ukwemukela isivumokholo. Uzofanele ubone iQiniso ngaphambi kokuba wemukele iphutha, uma uzoba ngumKristu. Ungeke. . . Uzofanele uhambe phezu kwesithembiso sikaNkulunkulu, ukuze uthole iphutha. Ngoba, kunelambu elibomvu elibanibanikayo ngaphambi kwakho, ngasosonke isikhathi, "*Leli* yiZwi."

152 Wena uthi, "Awu lokho kwakungokolunye usuku." Okwanamhlanje, ngoba uKristu uyiZwi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UJohane oNgcwele 1, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi wenziwa inyama wakha phakathi kwethu." Futhi iBhayibheli lathi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Ngakho, uma uKristu eyiZwi, sonke isithembiso siyiqiniso, futhi siyiso izolo, namuhla, naphakade. Sizofanele sibenjalo. Kuthatha ukholo oluzelwe ngokusha ekulikholweni futhi kulenze lusebenze. Nje, ungeke ukwenze ngesiko. Ngeke kusebenze. Uzodingeka uze kuleloGazi, ngokuqinisekile njenganoma yini. Emva kokuba uIsrayeli etshele. . .

153 Emva kokuba uIsaya esetshele uIsrayeli ukuthi base bonakalise isibambiso sabo ngamasiko abo, lapho kwabonakala omunye umprofethi. (Ngaphambi kokuba sivale.) Omunye umprofethi omkhulu ufika enkundleni, futhi lowo kwakunguJohane obhaphathizayo. Manje, wabakhomba eWundlwini elalisusa. . . lalingekwenzele uIsrayeli kuphela, kepha lonke uhlanga lukaAdamu oluwile. Wathi kwakukhona. . . UNkulunkulu wayezothumela iWundlu. NaleliWundlu lalizoba ngelabeZizwe, iJuda, noma ngubani oyoza.

154 Kwakungakade kakhulu kwaze kwathi iWundlu labethelwa esiphambanweni saLo se-altare. IGazi laLo lachitheka. UMoya oNgcwele wabuya. Manje, ngenkathi iwundlu elidala eliyisilwane lifa, umoya wesilwane wawungeke ubuye, ngakho lelogazi lalibhecwa esizweni. Kodwa manje, salolonke uhlanga lukaAdamu, iWundlu likaNkulunkulu elachitheka, iGazi laKhe, uphawu lwabuya esimweni sikaMoya oNgcwele, ukuza phezu komkhonzi. Manje, yilokho uNkulunkulu akudingayo. Yilokho abakwenza ngalolosuku. Futhi yilokho abayo. . . abakwenzayo namhlanje.

155 Manje, uma noma yibaphi abantu ezwa isisindo sesono, futhi uyazi ukuthi unephutha, lalela, kunokuxolelwa nalokho kuxolelwa kungeWundlu likaNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] KungeWundlu, ngeGazi leWundlu.

156 Ngake ngatshelwa indatshana. Yangisiza kakhulu. Kwakunomfana owathunjwa ngezinsuku zasekuqaleni. Ngicabanga ukuthi nonke niwuthathile umlando weBhayibheli futhi nathatha umlando webandla. Futhi phakathi . . . ngikholwa ukuthi kwakuyiFoxe . . . Qhabo, kwakungesiyo. KwakungoBaba baseNayisiya, noma impilo kaPatrick oNgcwele. UPatrick oNgcwele empeleni waye . . . Lelo nje kwakuyigama anikezwa lona. Igama lwakhe kwakunguSuccat. Futhi wa—wathunjwa yisigejane se—sezinqola zolwandle futhi waqashwa, ukuba abe ngokhulisa izingulube.

157 Nalendaba ihamba ithi lomntwana wathunjwa futhi wayiswa phesheya ngomkhumbi, futhi walungisa indlela yakhe. Futhi ukapteni omdala wagula ngeliny'ilanga futhi wa—wayeselungele ukufa. Futhi wayegula kakhulu, phandle le olwandle, nomfo omdala netshebe yakhe empunga, elele endlwaneni yakhe yezingodo. Futhi wabiza izandla zakhe, amadoda akhe asendaweni eyisicaba emkhunjini, athi, "Ngabe likhona iBhayibheli phakathi kwenu na?" Wathi, "Ngenkathi ngisengu—ngumntwana, ngakhuliswa njengomKristu." Futhi wathi, "Ngi, ngiyafa. Futhi—futhi, madoda, angifuni ukufa kanje." Wathi, "Aninalo iZwi likaNkulunkulu na? Noma yimuphi umuntu lapha unalo iZwi likaNkulunkulu na?"

158 Ekugcineni, emuva le esigejaneni samadoda, umfanyana wasukuma, wathi, "Mnumzane, nginalo iBhayibheli. NgingumKristu. Ngiliphethe."

159 Wathi, "Woza lapha, ndodana." Wathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi uliphethe iBhayibheli na?"

160 Wathi, "Yebo." Wathi, "Umama wami nobaba babengamaKristu, futhi nganikela ngempilo yami kuKristu ngenkathi ngiseyintwanyana umfo omncanyana, futhi bengilokhu ngiliphethe iZwi laKhe noma kuphi lapho ngikhona." Wathi, "NgiLibeka enhliziyweni yami futhi kade Lisenhliziyweni yami."

161 Wathi, "Ngifundele okuthize lapho, ndodana, ngaphambi kokuba ngife."

162 Nomfo omncane waphenya kuIsaya 53:5, "Futhi lifundeka kanje, 'Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Yachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziso sethu sasiphezu kwaYo. Nangemivimbo yayo siphilisiwe thina.'"

163 Futhi lapho esho lokho, ukaputeni omdala wathi, "Ungafunda uqhubeke na?"

Umfana omncane wathi, "Ngingaphawula lapha na?"

Futhi ukaputeni omdala washo kumfana, wathi, "Qhubeka."

164 Wathi, "Umama wami ongumKristu, ngaphambi kokuba ngisuswe kuye, washo . . . Uyazi, wayevamise ukungifundela

umBhalo, kakhulu kakhulu. Futhi uyayazi indlela ayekufunda ngayo na?"

165 Futhi ukaputeni omdala wathi, "Qhabo, ndodana. Ngingathanda ukuzwa indlela umama wakho ongumKristu ayekufunda ngayo."

166 "Wathi . . ." Wathi, "Nansi indlela ayekufunda ngayo, 'Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zikaWillie Pruitt. Yachotshozelwa ububi bukaWillie Pruitt. Isijeziso sikaWillie Pruitt sasiphezu kwaKhe. Futhi ngemivimbo yaKhe uWillie Pruitt waphiliswa.'"

167 Ukaputeni omdala wathi, "Ngiyakuthanda lokho. Ngiyakuthanda lokho." Wathi, "O, uma igama lami lingafundwa lapho!" Wathi, "Ucabanga ubungakwenza, ndodana na?"

168 Wathi, "Ngizokuzama." Wathi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zikaJohn Quartz. Yachotshozwa ngobubi bukaJohn Quartz. Isijeziso sokuthula sikaJohn Quartz sasiphezu kwaKhe. Futhi ngemivimbo yaKhe uJohn Quartz waphiliswa."

169 Nezinyembezi zehlela entshebeni yakhe, wathi, "Ngithathele izimpahla zami. UJesu Kristu ungiphilisile. Nginikela impilo yami kuYe." Niyabo?

170 O, mngani, uma kuphela ungafunda igama lakho phakathi lapho! O, uma ngingafunda igama lami, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zikaWilliam Branham. Yachotshozwa." Hhayi ibandla, hhayi nje . . . hhayi isivumokholo. "Kodwa Yachotshozwa ngobubi bami. Isijeziso sokuthula kwami sasiphezu kwaKhe. Nangemivimbo yaKhe uWilliam Branham waphiliswa." O, uma nje singafunda amagama ethu emBhalweni, futhi sikusho ngempela, yilokho okukwenzayo. Funda igama lethu kukho, yenza ukwemukela, ukuxolelwa, ngokuba uma siqonda ukuthi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngobubi bethu.

171 Enye into, siyathola kumaHeberu 9:11, ukuthi ukuxolelwa kuveza ubumsulwa, umkhonzi engesenanembeza wesono, futhi uzihlanzile yena emisebenzini efileyo. Uma ngempela siza ngaphansi kweGazi, sihlanziwe emasikweni afile. UmBhalo usho njalo, amaHeberu 9, bhekisisani, "Hlanza unembeza wakho emisebenzini efileyo." Khona-ke, uma wenza lokho, khohlwa ukuthi uyiBaptisti, khohlwa ukuthi uyiMethodisti, khohlwa ukuthi uyiPentecostal, noma ngabe uyini, futhi khohlwa yileyo misebenzi afile, futhi woza eGazini. Woza kulokho.

172 Funda igama lakho kulokho, bese-ke wenze lokhu, khona-ke woza etafuleni lesidlo, khona-ke woza futhi uthole ukuthi ubani oqinisile nosephutheni, noma ngabe kuzoba yisidlo esivalelekile noma qha, ubone uma ungavalela umfowenu ngaphandle. Ungeke ukwenze. Ungeke nje ukwenze. Kunento ethize kuwe, ingeke ikuvumele ukwenze. Kunento ethize nje,

uyabo. Igama lakho lifundwa phakathi kwalawo futhi ngeke ukwenze. Kuyakuhlambulula. Kuyakuhlanza.

173 SiMkhumbula lapho siguqa esiphambanweni, makabe umpristi oyiKatolika, iPresbyterian, noma ngabe yini angaba yiyo. Lowomuntu akeze lapho efunda igama lakhe phakathi lapho, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko za*lo*mpristi. Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zaleMethodisti, leBaptisti, lePentecostal." Ini na? "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu," igama lami, igama lakho, noma ngabe ungubani. Khona-ke asikukholwe loKho; hhayi lokho isivumokholo esikushoyo. Lokho okushiwo yiZwi! Khona-ke asiguqe phansi esiphambanweni, ndawonye. Singabafowethu. O, yebo, amasiko, siyazihlanza qobo lwethu khona-ke kuyo yonke imisebenzi efile.

174 Kungahle kube namagosa kahulumeni angamashumi amane, kungahle kube nabapristi amaphakeme abangamashumi amane, kungahle kube nezikhulu zamasonto, nababhishobhi, nophapha, nayo yonke into, impongoloza, "Sukumani lapho. Ungazingcolisi." Kodwa gaxa umfowenu, mfowethu. Kukhona into yangempela. Unokuxolelwa ngaphansi kokuBuyisana okufanayo ukuthi ukuxolelwe ngakho. Ningabafowethu, futhi kunamathela kakhulu kunomfowenu. Kuyinto ethize ngakho, ekusondeza kakhulu kuNkulunkulu. Futhi uma usondela kuNkulunkulu, niyasondelana.

175 "Ungamzonda kanjani umfowenu ombonayo, noma umedelele, bese uthi uthanda uNkulunkulu ongaMbonanga na? Uba ngumqambi manga, neQiniso alikho kuwe."

176 Kodwa uma siza endaweni, lapho iGazi likaJesu Kristu lisihlanza kusosonke isono, khona-ke singabafowethu. Khona-ke akunamehluko kithi. Izimpawu zethu ezindala ezincanyana esizishayele ngezipikili kithi, azichazi lutho.

177 Ngiyakhumbula lapho, ngedlula isango ngeliny'ilanga futhi ngangibhekisele komunye wabafowethu ohlezi lapha, lapho ngangivamise ukwelusa umhlambi wezinkomo. Futhi ngiza ngehla ngapho, umqaphi wayezibeka uphawu lezozinkomo lapho zihamba zedlula ekuqoqweni kwezinkomo entwasahlobo. Futhi wabhekisisa. Akazange. . . Babenazo zonke izinhlobo zezimpawu kuzo. Futhi wayengaliqapheli neze uphawu. Wayeqaphe uhlobo lwecici elichaza uhlobo lwegazi. Futhi kwakufanele kube iHereford yangoqobo kungenjalo yayingenakuqhubeka eHlathini iArapaho, ngokuba yiHereford Association kuphela edlisa lapho. Kwakufanele kube yiHereford yangoqobo.

178 Ngicabanga ukuthi yindlela ukuyoba yiyo esikhathini sokugcina. Angeke athi, "Ngabe uyiMethodisti na? WawuyiBaptisti na?"

179 Lowo ngumbuzo omkhulu namhlanje, "Uyi—uyini na? Wena uyiMethodisti, iBaptisti na?"

Ngathi, "Qhabo."

180 "Uyini; iPresbyterian, iLuthela, iNazarene, iPentecostal na?"

"Qhabo."

"Uyini na?"

"UmKristu."

181 UmKristu, icici leGazi, niyabo, ngaphansi kweGazi. Lokho kuchaza ukuthi wonke umfowethu, udadewethu ngaphansi kwaleloGazi ungumfowethu, udadewethu. Ngokujulile kakhulu ngobuqotho lapho phambi kukaKristu. Thina, umpristi, umshumayeli, yini okunye, sibeka izandla zethu phezu komhlatshelo wethu futhi sithi, "Siyizoni ezinecala. Asiwufanele umusa waKho, O Nkulunkulu. Kodwa Wathumela iNdodana yaKho ukuba ife endaweni yethu, futhi sikwemukela ngesihle." O, khona-ke singabafowethu.

182 Konke ukuqophisana okudala sekwedlule. Konke akusekho. Sixolelwe ngokoqobo. Hambani, nixolelwe futhi nihlanziwe esonweni, nihlanziwe esikweni. Izinto ezindala idlulile. Konke ukuqophisana okudala sekwedlule. Onke amaBaptisti, amaMethodisti, namaPresbyterian onke ahlanzwe ngeGazi elifanayo, futhi siba ngabafowethu. Ukuqophisana ngesiko kwedlulile, khona-ke singakhonza lapha. Futhi lapho, kuphela, singaba nenhlanganyelo.

183 Ngiwabonile amaPresbyterian emile emhlanganweni waleFull Gospel Business Men, ekhuluma ngezilimi futhi ememeza kanzima ngakho konke, futhi amanye amaPresbyterian agqamile lapho aseUnited States. UJim Brown, bangaki abake bahlangana naye, iPresbyterian egqamile, emile lapha futhi esina eMoyeni, futhi ekhuluma ngezilimi, futhi eqhubeka lapha, nomelusi welinye ladumile iPresbyterian Churches eUnited States. AmaLuthela, amaMethodisti, Pres-. . . konke ndawonye, kuyini na? Beze ngaphansi kweGazi. Akukho macici. Akukho migoqo yobuhlelo. Simunye. SingamaKristu. Sinezinto ezifanayo. Yebo. Lapha kungekudala . . .

184 Ekuvaleni. Kwakukhona owesilisa nowesifazane, indoda nonkosikazi, wayehlukanisa. Futhi bazama ukulungisa. Baya kwisazi sezifo zengqondo, ukuthola ukuthi sasingeke sihlanganise imiqondo yabo ndawonye, kodwa asikwazanga. Baya kuyoyonke into ababengacabanga ngayo, ukuzama ukuhlala ndawonye, kodwa babeqophisana nje, futhi ngokuqhubekayo babehlukene. Futhi nje babengenakumelana, futhi bengenakumelana ebukhoneni bomunye, futhi babeqophisana. Ngakho, banquma ukuthi bazohlukanisa.

185 Ngakho, baqasha ummeli, ukuba abanikeze isehlukaniso. Futhi wathi, "Awu, manje, ngaphambi kokuba sikwenze," wathi, "awu sizodayisa indawo." Futhi wathi, "Nonke kungcono nehle

futhi nihlukanise impango phakathi kwenu ngaphambi kokuba nithole isehlukaniso nokuthi indawo idayiswe."

186 Ngakho, indoda nenkosikazi bahamba kanyekanye. Baya ekhaya. Futhi bangena endlini yokuphumula, futhi owesifazane wathi, "Ngizothatha *lokhu*."

Futhi owesilisa wathi, "Ngizothatha *lokhu*."

187 Futhi baqophisana, futhi bakhathazeka futhi baqhubeka, omunye nomunye. Emva kwesikhashana, bathi, "Awu, ngizokunikeza *lokhu* uma uzothatha *lokhu*." Kulungile, lokho kwaqhubeka isikhashana. Khona-ke ngenkathi sebeye ekamelweni lokuhlala nezindawo ezehlukene, nasekhishini, nasekamelweni lokulala. Bahlukaniselana impango yabo.

188 Khona-ke ekugcineni bakhumbula kwakukhona izimpahla ekamelweni elisesitezi. Ngakho benyukela ekamelweni elisesitezi futhi badonsa itranki elidala. Futhi baqala ukubeka izinto ezehlukene, bathi, "Ungakuthatha *lokhu*, futhi ungakuthatha *lokhu*." Futhi ekugcineni amehlo abo bobabili awela phezu kwento ethize encane, futhi bobabili bakuhlwitha. Futhi babukana. Kwakuyini na? Ipheya lezicathulwana ezincane ezimhlophe ezazingezengane eyase ingumufi. Kwakuyingxenye yabo bobabili. Lapho, nezandla zabo zibambene kanjalo, phezu kwalezizicathulo zengane. Ngempela, zazingezikabani na? Zazingezikabani na? Zazingezabo bobabili. Babenezinto ngokuhlanganyela.

189 Emizuzwini embalwa, lapho bebukana, izinyembezi ziqala ukwehla ezihlathini zabo. Kwakuyini na? Babengayehlukanisa yonke enye into, kodwa ngenkathi befika baze babanento ethize ngokuhlanganyela, umntwana, futhi wayesezulwini, khona-ke ukuqophisana kwase kuphelile. Emizuzwini embalwa, base begonene. Isehlukaniso saxazululwa. Ukuthula kwabusa.

190 Futhi, bazalwane, ake ngisho lokhu kinina kulobubusuku. Asifuni ukujoyina ibandla. Kodwa nginicela lokhu. Kunento eyodwa esinayo ngokuhlanganyela, lowo nguJesu Kristu. Usekuhlanganyeleni nathi. Ngeke sonke sibe amaBaptisti. Ngeke sonke sibe iMethodisti. Ngeke sonke sibe iOneness, noma iThreeness, noma ngabe kuyini. Ngeke sibe yilokho. Kodwa kunento eyodwa esinayo ekuhlanganyeleni, lokho yisithembiso sokuxolelwa sikaNkulunkulu, iNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Sinezinto zonke kuYe. Kodwa leyo yinto yokuqala kithina ukuyemukela. Khona-ke singazithola ezinye izinto, uma semukela ukuxolelwa uNkulunkulu asinike khona. Futhi lokho ngeke kube ngezinqubo zemfundo yethu, ngenqubo yehlelo yethu, kodwa kuyoba ngeGazi likaJesu Kristu. Sonke singahlangana lapho ngaphansi kwesiphambano, futhi sibe munye futhi sibe nezinto ngokuhlanganyela. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje sisakhuleka.

[Udade ukuqala ukuyaleza. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Amen.

191 Amakhanda ethu ekhotheme, ngempela izinhliziyo zikhotheme, asikhothamise izinhliziyo zethu umzuwana nje manje, namakhanda ethu, sithi, "Nkosi, nenhliziyo yami ikhotheme manje, nakho konke lokho kwesiko lami, ngabe ngiqinisile noma nginephutha na?" Makuthi uMoya oNgcwele uhlole enhliziyweni yami manje. Futhi uma kungekho lapho nje kufanele kube khona, futhi ubungathanda ukukhunjulwa emkhulekweni sesivala, ukuthi uyazi ukuthi sonke singahlangana ngaphansi kwento eyodwa, iGazi, ukuBuyisana. Futhi uma sikwenza, khona-ke sihlanzwa kuzo zonke izinto zezwe. Futhi ungathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ubungakwazisa ngokuphakamisela isandla sakho kuNkulunkulu ba? Yithi, "Re-. . ." UNkulunkulu akubusise. O, he, izandla! "Ngikhumbule, O Nkosi."

192 Uyaqonda yini ukuthi asisenazo ezinye izinsuku eziningi ukuhambahamba kulomhlaba na? Wena uthi, "Awu, ngisemusha." Ngiyazi. Angazi, dadewethu, mfowethu, kuzoba nenjejane eningi efayo kulobubusuku, emhlabeni wonke, amakhulu ayo. Qhabo, into kuphela onayo yilokho kuphefumula okusele kuwe.

193 Uzokwenza, ngalesisikhathi, uthi, "Nesandla sami siphakeme, Nkosi Nkulunkulu, ngiyakwemukela ukuxolelwa Onginike khona, iGazi likaJesu Kristu; manje makuthi uPhawu oluvela eGazini, uMoya oNgcwele, ufike phezu kwami; angiwemukelanga uMoya oNgcwele; ngi—ngiyakwazi; futhi ngi—ngifuna ukwemukela leyo*Nto* ethize ngizizwe ngendlela okhuluma ngayo, ukuthi izono zami zonke zisukile, nezwe, uthando lwezwe, lwedlulile kimi, futhi ngiyisidalwa esisha; ngifuna ukwazi lokho enhliziyweni yami; futhi, Nkulunkulu, angiphakamisi isandla sami kuMfowethu Branham, kodwa ngisiphakamisa kuWe; futhi Uyayazi inhliziyo yami"? Futhi makungabuki muntu phezulu. Vumela uNkulunkulu nje akubone lokhu, yedwa. Futhi uthi, "Nkulunkulu, ngi—ngi—ngifuna uPhawu, ukuthi iGazi libheciwe kimi. Futhi ngiyalifuna."

Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." UNkulunkulu akubisise. Lokho kuhle.

194 Akunandaba ukuthi uyini, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, okwalowo othandayo. Manje, ngine. . .angisho lutho olumelene nalawomabandla. Wona, alungile. Kodwa engizama ukukusho, ukuthi lokho ngeke kusindise. Niyabo?

195 Kuzofanele kube ukuxolela kukaNkulunkulu, umusa oxolelayo. Futhi kumelwe kuphela, hhayi ngebandla, kodwa ngeGazi likaJesu Kristu. Leso yisiBambiso sakho, uma ungabeka

izandla zakho phezu kwaKhe futhi uthi, "Manje ngemukela lesisibambiso. Nkulunkulu, yiba nomusa kimi."

196 Futhi mhlawumbe kungahle kube namalunga ebandla lapha, ajoyine ibandla, ngabobonke ubuqotho obuhle. Ngiyakukholwa lokho, ngayo yonke inhliziyo yami, ujoyine ngobuqotho. Kodwa, wena wathi, "Mfowethu Branham, ngempela, inhliziyo yami inhlanziwe kuwo onke lamasiko nezinto. Ngi—ngiyakholwa ukuthi uma othize engakhuluma ngokumelana nalo impela ibandla engi . . . Uma iBhayibheli liyosho ngisho ukuthi, ngitshele, bengiyofakazisa ngeBhayibheli ukuthi ibandla lami linephutha, ngi—ngisayolokhu ngingakwemukeli enhliziyweni yami. Ngeke ngikwenze, kodwa ngifuna ukukwenza. Ngikhulekele." Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Khuleka?" "Ngizokwenza. Yebo, impela ngizokwenza." UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Lokho kulungile. "Ngi—ngifuna ukwazi ukwemukela yonke into uNkulunkulu ayishoyo, ngendlela nje Ekwenza ngayo eBhayibhelini laKhe. Futhi ngifuna iGazi likaJesu Kristu lize phezu kwami."

197 Futhi iGazi libheciwe, uphawu! Niyabo, kunophawu olinikeziwe lweGazi, futhi lowo nguMoya oNgcwele. Futhi uma uMoya oNgcwele wehla, ngoSuku lwePhentekoste, niyazi ukuthi Wenzani kubantu. Futhi ngaso sonke isikhathi uma uke Weza phezu kwabantu, Uyokwenza yona impela into efanayo. UPetru wathi, "Ngokuba isithembiso ngesenu, kubantwana benu, kubo abakude, abaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza," lesisithembiso esifanayo.

198 Uma usheleni ungusheleni *lapha*, ungusheleni phandle *lapho*. Ngu, noma kuphi lapho ukhona, ungusheleni. Uma leli kuyidayimane phakathi *lapha*, yidayimane phakathi *lapho*. Uma lena kuyindlu *lapha*, yindlu *lapho*.

199 Futhi uma lona kunguMoya oNgcwele owehla ngoSuku lwePhentekoste, nguMoya oNgcwele ofanayo namhlanje. Futhi awukaze usithole lesosehlakalo na? Semukele manje sisakhuleka, uzokwenza na?

200 Baba wethu waseZulwini, sazi ukuthi—ukuthi ilanga lishona ngokushesha, isikhathi asisayikuba bikho, ngeliny'ilanga enkulu iNgelosi enkulukazi iyophumela enkundleni yesikhathi, iphuma ePhakadeni. Necilongo likaNkulunkulu liyokhala, futhi wonke owesilisa nowesifazane uyophendula ngalokho esikwazi kuyiQiniso, iZwi likaNkulunkulu. Kuyodingeka kube nomgomo othize uNkulunkulu ayofanele abe nawo lapha emhlabeni, ukuthi siyokwehlulelwa ngawo. Futhi uma sithatha umgomo webandla lethu, ihlelo lethu, siyokugeja kangakanani! Futhi yilona liphi ihlelo ebeliyoba ngeliqinisile na? Ngakho-ke, siyodideka. Asiyikwazi ukuthi senzeni. Kodwa kunomgomo, futhi lowo yiZwi laKho.

201 NeZwi laKho lathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, akayikuwobona ngisho uMbuso kaNkulunkulu." Ngamany'amazwi, angewuqonde. Udingeka awemukele ngokukholwa, futhi azalwe ngokusha, bese kuthi-ke uyowuqonda. *Ukubona* nguku "qonda."

202 Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, kulobubusuku, ukuthi eziningi zalezozandla eziphakamayo kulobubusuku, kuyo yonke indlu, osomabhizini bedolobha, nabesifazane, abafana, namantombazane, ngikholwa ngobuqotho ukuthi baphakamisa isandla sabo. Manje, bebengeke baphakamise izandla zabo ngaphandle uma bekukhona ukuvuma. Futhi uMoya oNgcwele, ngabo, ufakazile kubo ukuthi banephutha, futhi ulethe ukuvuma ukuthi bafuna ukuba ngabalungile. Futhi baphakamisele izandla zabo kuWe, Mdali omkhulu, bazi ukuthi bazodingeka bahlangane naWe ngoluny'usuku. Futhi bebeqotho, ngiyakholwa, Nkosi, futhi ngiyabanxusela ngamunye. Ngiyethemba, kulobubusuku, Nkosi, njengoba ngikhuleka, ukuthi akukho nesisodwa isandla esiphakamile esiyoke sibe nokuphumula kuze kuthi uMoya oNgcwele usugcwalise impilo yabo. Siphe khona, Nkosi. Ngibabizela umhlomelo kaJesu Kristu. Kwenze, Nkosi, ngiyakhuleka. Sindisa abalahlekile.

203 Gcwalisa labo abemukele uKristu, ngoMoya oNgcwele. Uthululele phezu kwemiphefumulo yabo, Baba. Zitholele udumo kuWe uqobo.

204 Jesu, Washo kithi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba engamdonsi kuqala," futhi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu." Futhi manje, iZwi likaNkulunkulu selishunyayeliwe, ukukholwa kufika ngokuzwa. Futhi badonsiwe, ngoba iBhayibheli lathi, "Labo Ayebazi, Wabamisela ngaphambili. Futhi labo Abamisela ngaphambili, Ubabizile. Nalabo Ababizile, Wabanika ukuPhila okuPhakade."

205 Futhi manje, emuva ekuqaleni, ngaphambi kwezwe, Wafaka amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Futhi kulobubusuku uMoya oNgcwele ubabizile. Futhi baphakamise izandla zabo. Manje, Nkosi, banike ukuPhila okuPhakade. Ngikucela ngenxa yodumo lukaNkulunkulu, ukuthi uMoya oNgcwele uzokwehlela ezinhliziyweni zabo futhi ubasoke kuyo yonke imisebenzi efile namasiko, futhi banike ukuxolelwa ngesihle. Futhi bagcwalise ngoBukhona baKhe, ukuthi bangahle bahambe kusukela kulolusuku kuqhubeke, ngehora lobumnyama, njengoba kwakunjalo ezinsukwini zaseSodoma ngenkathi abesifazane ababepende ubuso, isimilo esibi sashukumisa izizwe.

206 O Nkosi Nkulunkulu, kwangathi abesilisa nabesifazane bangaya phambili njengamalangabi avuthayo. Kwangathi

uMoya oNgcwele ngempela ungathumela uMlilo ongcwele phezu wabo, Nkosi, kuze kuthi bayogcwaliswa kakhulu ngokulunga kukaNkulunkulu, no—nokuthi bazoya phambili, ukubiza zonke izoni abahlangana nazo, esiphambanweni. Siphe khona, Nkosi, lapho nabo bangawa futhi bathole ukuxolelwa. Kwenze lokho kumaMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, nabo bonke, Nkosi. Siphe khona. BangabaKho manje. Ngibanikela ezandleni zaKho, ukuthi Uyobapha lokhu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

207 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngi . . . Lokhu kungahle kube ngokuthe ukuphuma ohlelweni. Umzuzwana nje. Asicule lelihubo elidala. Ngi—ngiyathanda ukucula. Niyazi, i . . . Ngezinye izikhathi, ekushumayeleni, usho izinto ezisikayo, kodwa ku—kunebhalisamu kwaGiliyadi, alikho lapho, lokho kuphilisa umphefumulo na? ["Amen."]

208 Asicule leli elihle, iculo elidala, uma nithanda. "Ng'yaMthanda, Ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Niyalazi iculo na? ["Amen."] Omunye manje ngiholele lona.

Ng'yaMthanda, Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengeli insindiso
Emthini waseKalvari.

209 Asilihamishe. [UMfowethu Branham ukuqala ukuhamisha *Ng'yaMthanda*—Umhl.] Manje, nisalihamisha *Ng'yaMthanda*. Mangaki amaBaptisti alapha na? Phakamisani isandla senu. AmaPresbyterian, amaLuthela, amaNazarene, iPilgrim Holiness, amaPentecostal na? Lapho, he, kubantu! Kanye kanye manje . . . [UMfowethu Branham uyaqhubeka nokuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*.] Senzeni manje ngenkathi siza ngaphansi kwesiphambano, ngaphansi komusa oxolelayo na? Sonke sixolelwe, hhayi ngebandla lethu, kodwa ngeKalvari.

210 Asixhawulane namaMethodisti, amaBaptisti, amaPentecostal, manje, uma sicula futhi. "Ngi . . . " [UMfowethu Branham uxhawulana nalabo abasondele kuye—Umhl.]

Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengela insindiso
KowaseKalvari . . .

211 Manje, siyalicula ukuze ngamunye alizwe. Manje asikhothamise amakhanda ethu futhi siphakamisele izandla zethu zombili kuNkulunkulu. Futhi ngakho konke okwezinhliziyo zethu, uma siMthanda, asisho kanjalo manje.

Ng'yaMthanda, (O Nkulunkulu!), Ng'yaMthanda
Ngoba . . .

